

YIZWENI

 ...ngokuvela ezinjulweni impela zezinhliziyiyo zethu, ukwazi ukuthi Usinike inhlanhla yokuhlangana ndawonye futhi, ukukhonzisa eGameni laleyoNdodana ethandeka kakhulu, Oyithumele emhlabeni, ukuze Isihlenge empilweni yesono, siye empilweni yokukhonza Yona. SizoKucela, Nkulunkulu othandekayo, ukuba usithethelele amaphutha ethu, nazo zonke izinto esizenzile noma sazisho noma ngisho sazicabanga, ebiyophambana nentando yaKho; sicela intethelelo.

² Futhi sizokhuleka, Nkosi, ukuthi izinhliziyiyo zethu zizoba sesimweni manje, ukwemukela uKristu ezimpilweni zethu ngokushunyayelwa kweZwi, esinika ukukholwa ukuba sikhohle, kulobubusuku, ngenkulu, inkonzo yokuphulukisa eyedlulele, ukuthi bonke abadingayo bayophulukiswa. Yizwa imikhuleko yabantu baKho. Futhi kwangathi singaba nenhlanganyelo ngaseZwini. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

Ningahlala phansi.

³ Sileyithi kancane nje kulobubusuku, nohlelo belulude kancane. Kusasa ebusuku sizozama ukugcina isikhathi, uma kungenzeka.

⁴ Manje, kusasa ebusuku yinkonzo yokuvala esakhiweni. Kungaphambili, ngifundile, ngenyuka, ukuthi kulobubusuku bekungubusuku bokugcina, kodwa kusasa ebusuku ngubusuku bokugcina. Futhi uma iNkosi ithanda, kusasa ebusuku ngifuna ukushumayela ngendaba ethi, *ImiNyango Ngaphakathi KoMnyango*. Futhi mhlampe umlayezo uzoqala cishe ngelesishiyagalombili nqo kusasa ebusuku, unikeza cishe uhhafu wehora kwenzelwa izethulo, nokunye nokunye.

⁵ Futhi manje, ngifuna futhi ukumemezela ukuthi kulobubusuku kuzoba yisikhathi sokugcina ukuthi nizokwazi ukuthola izincwadi, izithombe, noma amateyipu omhlangano. Abangani bami nabasebenzi esisebenza nabo, uLeo Mercier noGene Goad ba...babe sesitendeni sezincwadi, nezincwadi, nesithombe, kanti futhi, a—amateyipu. Ngakho khumbulani, lesi yisikhathi sokugcina. Asithengisi ngeSonto; thina, ngenza lokho kube ngumkhuba. Uma ukwenza, lokho kulungile; lokho kuphakathi kwakho neNkosi. Kodwa angithengisi lutho ngeSonto.

⁶ Bese kuthi-ke futhi, ngifuna ukumemezela lokho kusasa ntambama, ezinkonzweni zantambama, kuzoba yisikhathi amakhadi omkhuleko azokhishwa ngaso. Ihholo elikhulu, lapha, lizoqashwa ngelinye iqembu kusasa ntambama;

izinkonzo zizobanjelwa endaweni yomdlalo weshashalazi ezansi edolobheni, engicabanga ukuthi sebevele bamemezele. Angilazi igama lendawo. Kodwa, yilapho amakhadi omkhuleko azokhishwa khona, kusukela ligamenxe elesibili kuze kugamanxe elesithathu kusasa ntambama; ngoba sizobuya nje ngesikhathi, lapho behlanza indawo, ukuthi singabuyela phakathi lapha, kuleliholo elikhulu, kusasa ebusuku. Qinisekani ukuzikhumbula lezozinto.

⁷ Futhi manje, kusobala abanengi benu, ngiyethemba, bazophuma e...ezinkonzweni zenu uqobo. Manje, leyo yindawo yenu yokugada. Asizami neze ukubiza umKristu asuke ebandleni lakhe, lapho ibandla lakhe livuliwe. Kodwa uma ugula futhi unesidingo sokuphulukiswa, ngineqiniso uma ubuzokhuluma nomelusi wakho, uyokudedela kusasa ebusuku, uma uzela ukuzokhulekelwa. Ngineqiniso ubeyokhombisa lokho kuhlonipha okungako kuwe, nasembangeleni.

⁸ Futhi manje kulobubusuku, ngifisa ukufunda, okomlayezo omfishane nje, umBhalo otholakala eVangelini likaMathewu oNgewe, isahluko 17, namavesi ambalwa nje okwendikimba, noma njalo, okwengqikithi.

...Emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu wathatha uPetru, uJakobe, noJohane umfowabo, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa,

Waphenduka esinye isimo phambi kwabo: ubuso bakhe bakhanya njengelanga, izingubo zakhe imhlophe njengokukhanya.

Futhi, bheka, kwabonakala kubo oMose no-Eliya bekhuluma naye.

Khona uPetru waphendula, wathi kuJesu, Nkosi, kuhle ukuba sibe lapha: uma uthanda, masenze lapha amadokodo amathathu; elinye libe ngelakho, nelinye libe ngelikaMose, nelinye libe ngelika-Eliya.

Esakhuluma, bheka, ifu elikhanyayo labasithibeza: futhi bheka kwavela izwi efwini, lathi, Lo uyiNdodana yami ethandekayo, engithokozile ngayo; yizweni.

⁹ Futhi okwe—kwendikimba, ngifuna ukuthatha lawomagama amathathu okugcina, Yizweni. Benginenye into enhliziyweni yami yomlayezo kulentambama, kodwa thina, siqala leyithi; engizovele ngikushiyele esinye isikhathi lokho. Yizweni.

¹⁰ Niyazi, mhlawumbe lomBhalo ufundwe ngamashumi ezinkulungwane zabantu selokhu walotshwa. Futhi njalo lapho uwufunda, ufunda into ethize entsha, ngoba yiZwi likaNkulunkulu oPhakade.

¹¹ Bengiyokubhalela incwadi, ubuyoyithokozela. Ubuyongibhalela eyodwa, bengiyoyithokozela. Kodwa ngokushesha nje lapho usuyifundile nomlayezo wayo kuwe,

noma ngifunde eyakho, lokho mhlawumbe bekuyoxazulula ukubaluleka kwencwadi. Uma ufanele uyigcinele abantwana bakho ukuba bayifunde, noma omunye umuntu, bekungeke kusho lukhulu. Futhi emva kokuba usuhambile, bekungeke kusho lutho, nhlobo.

¹² Kodwa akunjalo ngeZwi likaNkulunkulu. Alinikezwanga *noma yimuphi* umuntu ngamunye, kodwa ngawo *wonke* umuntu ngamunye. Amazwi ami awaphefumulelwe. IZwi likaNkulunkulu liphefumulelwe.

¹³ Futhi kwehle njalo eminyakeni, wonke umuntu ofunda iZwi likaNkulunkulu, uthola isibusiso ekuLifundeni, futhi Lenza okuthize kuwe. Likuletha enhlanganyelweni esondele noNkulunkulu. UJesu wathi, “Kulotshiwe ukuthi umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Umphefumulo womuntu uphila eZwini likaNkulunkulu. Liyamqinisa, umuntu ongaphakathi. Futhi kusenxa sizizwe sikahle, ukwazi ukuthi imiphefumulo yethu ingazondla ngezinto ezinhle uNkulunkulu asilobele zona. Yincwadi yaKhe ye... ebandleni laKhe. Futhi Kufaka ugqozi kakhulu njengoba sifunda; kwenza okuthile kithi okungekho okunye okukwenzayo.

¹⁴ Manje kuloludaba esilufundayo kulobubusuku, uNkulunkulu wayelungiselela ukwenza okuthize. Futhi ngokwejwayelekile, ngaphambi kokuba uNkulunkulu alungele ukwenza noma yini, noma, ngifanele ngisho, ngaphambi kokuba Enze noma yini, Ukwenza kuqondwe njalo, noma anikeze isexwayiso, noma anikeze ubufakazi, bento Alungiselela ukuyenza. Futhi uNkulunkulu uhlangana emkhandlwini wabantu: ngesinye isikhathi namakhulu amahlanu, kanye namashumi ayisikhombisa, abathathu, futhi ngisho nakumuntu oyedwa. Yingakho singaba nenduduzo enjalo, ukwazi ukuthi akunandaba ukuthi sikuphi, noma yisiphi isimo esikuso, iZwi elilodwa lizoletsa uBukhona baKhe kithi. “Lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, Ngiyoba phakathi kwabo.” Leso kwakuyisithembiso sobuNkulunkulu seNdodana kaNkulunkulu oPhilayo, ihlangana nathi.

¹⁵ Futhi manje kulesisenzeko, Wayethatha ufakazi ongokomthetho. Wathatha kanye naYe, uPetru, uJakobe, noJohane. Futhi ngithanda njalo ukucabanga ngalabo abathathu, njenge, ngokwejwayelekile, uthola labo abathathu noJesu. Ngenkathi Eyovusa indodakazi kaJayiru, siMthola ethatha uPetru, uJakobe noJohane. Lokhu kungahle kungabi yiqiniso, kodwa kuthi ukungenza ngizizwe ngikahle ukucabanga lokhu: *UPetru*, “ukukholwa;” *noJakobe*, “ithemba;” *noJohane*, “uthando.” “Ithemba, ukukholwa nothando.”

¹⁶ Futhi Wayebakhuphulela kulokho esi, kubiza ngokuthi, “iNtaba yokuGuqulwa isimo,” kodwa uPetru wabhekisela

kukho kamuva njenge “ntaba engcwele.” Angikholwa ukuthi wayeqonde ukuthi intaba yayingcwele; kodwa kwakunguNkulunkulu oNgcwele entabeni, okwayenza yabangcwele. Angikholwa ukuthi kukhona ibandla elingcwele; ngikholwa ukuthi nguMoya oNgcwele ebandleni elingcwele. Akusuye umuntu ongcwele; nguMoya oNgcwele kumuntu, yingxenye engcwele.

¹⁷ Nentaba yayingenye nje inqwaba yothuli uNkulunkulu oNgcwele ayeludalile. Futhi Wabayisa eceleni, wayesenyukela entabeni, amadoda amathathu. Futhi okuthathu kuyisiqinisekiso eTestamenteni eLidala: “Ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqinise.”

¹⁸ Kwase kuthi-ke kwakukhona abathathu ababevela eNkazimulweni. Kwakukhona uMose, u-Elisha, noJesu. UNkulunkulu... Lesisehlakalo sasizoba sikhulu kakhulu, kwaze kwathi kokubili iZulu nomhlaba kwadingeka kukufakazele. O, kufanele ukuthi kwakuyinto ethize egqamile.

¹⁹ Awumtholi uNkulunkulu nje ezula-zula njengoba senza, abantwana baKhe, kodwa lonke iZwi linencazelo. Sonke isinyathelo iNdodana kaNkulunkulu eyasithatha, sasinencazelo. “Kuzo zonke izinto,” Yathi, Ya “thokozisa uYise.”

Bekungeke yini kube kuhle kakhulu uma ibandla laKhe belingasho into efanayo na? “Ngenza njalo, lokho, okuthokozisa uBaba.”

²⁰ Ngicabanga ukuthi uma bengingabuza lelibandla kulobubusuku, noma lengxenye yebandla: “Bangaki abangabamba izandla zabo, futhi bathi, ‘Ngenza njalo lokho, okuthokozisa uBaba?’” Uma ubuzothembeka kuwe uqobo, bekungeke kube khona isandla endlini esiphakamayo. Ngoba asikwenzi lokho. Kodwa uJesu wakwenza. UNkulunkulu wayekhombisa okuthize lapha, ngendlela yami yokucabanga.

²¹ Manje, ngiyazi ukuthi lababefundisi emva kwami bangahle ukuba bayazibuza, ngoba emfanekisweni, kwakukhombisa ukufika kwesibili kukaKristu. Leyo yindlela yangempela yokusondela kukho. Ngokuba kwakhombisa, kuqala, uJesu ekhazimulisiwe; okwesibili, umlayezo kumaJuda, okuzoba ngabaprofethi ababili beSambulo sese 11, uMose no-Elija. Futhi ngenkathi bebuka emuva, babona uJesu yedwa.

²² Kodwa iZwi likaNkulunkulu liyaphefumulela kakhulu, ukuthi iBhayibheli lonke libopha ndawonye kuwo onke amaZwi. Ubungashumayela ukufika kwesibili, ungashumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ungashumayela ukuvuka, noma yikuphi eBhayibhelini, kusukela kunoma yiyiphi indawo eBhayibhelini; ngikhombise enye incwadi engaveza lokho. Akulotshiwe.

Kodwa ngizokuthatha kwesinye isigaba somBhalo.

²³ UNkulunkulu akazange acele umuntu ukuba enze noma yini Ayengeke ayenze Yena uqobo. Yingakho ngenkathi uNkulunkulu ememezela ukufa phezu kwesintu ngenxa yeziphambeko, uNkulunkulu wadingeka abe yinyama, futhi wakha phakathi kwethu, ukuba afe ukuba akhokhe leyonhlawulo. Wayengenakufa njengoNkulunkulu ongafiyo, ngoba akukho-kufa lapho Ehlala khona. Ngakho, uNkulunkulu wadingeka enziwe inyama ukuze ezwe ukufa. Yingakho Wadingeka afe, ukuba asisindise ezonweni zethu. Wathatha ubuthakathaka bethu, futhi, futhi wabuthwala. Futhi siyabona lapha, ukuthi Wayebeka indodana, njengoba kwakunjalo, ukwandulela, emiBhalweni emidala.

²⁴ Manje, uma nizoqaphela kwiKing James Version, nithola imiBhalo eminingi enididayo, isibonelo nje, uJakobe, awu, ngithi, uJohane 14 ungomunye omuhle, kwathi, “Endlini kaBaba wami kukhona izindlu eziningi.” Lokho akuzwakali yini kuthi ukuxaka na? “Endlini kaBaba wami,” indlu encane, “yizindlu eziningi ezinkulu,” endlini na?

²⁵ Ngicabanga ukuthi kwakunguMoffatt, angiphosisi, kodwa ukuhumusha akunikezayo kwakuyinhlekisa kakhulu kunalokho. Wathi, “Endlini enamakamelo kaBaba wami kunezindlu ezinamamakamelo eziningi,” kube sengathi siya lapho ukuyoqasha enye yezindlu ezinamamakamelo kaNkulunkulu ukuba sihlale kulo. Kanjalo akulungile.

²⁶ Ekuhunyushweni kwasekuqaleni kuthi, “Embusweni kaBaba wami kukhona izigodlo eziningi.” Kodwa kwiKing James, njengoba abahumushi wayelihumushela inkosi, babelihumusha ngendlela ukuthi iNgisi laliqonda. Manje, uBaba wayeyiNkosi, no “mbuso” waKhe wawuyindlu yaKhe. Futhi WayenguBaba phezu kwayo yonke lendlu, futhi lokho kungokomBhalo impela.

²⁷ ETestamenteni eLidala, ubaba wayenengxenye enkulu yomhlabathi. Futhi wayeqashe izinceku (nxazonke, izindawo ezincane, nezindlu, noma amathende) ezaziqaphe umhlambi wakhe. Manje, ngenkathi umntwana ezalwa kulelikhaya, ubaba wayengenaso isikhathi sokunakekela indodana ngendlela afanele ngayo, ngakho wayehamba futhi aqashe umfundisi, noma umkhulisi, othile ukuba afundise umntwana.

²⁸ Manje, nakhu lapho engicabanga khona ukuthi ibandla lePentecostal lenza khona iphutha labo. Ngenkathi leyondodana izalwa emndenini, yayiyindodana ekuzalweni. Kodwa ifa layo lalingakanqunywa nokho; kwakwencike esimilweni sayo. Ngakho, nakuba eyindodana, futhi uma wayeyindodana engalaleli, wayengeke adle ifa lanoma yini, kodwa noma kunjalo, wayeyindodana. Kodwa uma wayeyindodana elalelayo, wayeyindlalifa yazo zonke izinto. Futhi sifundisiwe (hhayi kuphela ngamazanga ePentecostal, kodwa ngeqembu

lobuNgcwele, neBaptisti, nokunye) ukuthi lapho sizalwa ngokusha, singamadodana kaNkulunkulu. Lelo yiqiniso, kodwa lokho, nokho, lokho nje kungukuqala; manje-ke, yisimilo sakho, kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, okusho umehluko.

²⁹ Nobaba, ukuqiniseka ukuthi indodana yakhe ithole lona impela ithuba elihle kunawo onke eyayingaba nalo, wafuna umuntu owayekwazi ukunakekela leyondodana. Manje, wayengeke athole indoda eyayi, nje, yayifuna i, njengoba besingasho, uphapha esigqokweni sayo. Wayezothola indoda eyayithembekile, futhi iyoletsha imibiko eyiyo yokuziphatha kahle kwalomfana.

³⁰ Futhi uma umuntu wasemhlabeni acabanga lokho ngendodana yakhe yasemhlabeni, kuthiwani ngoBaba, phezu kweNdodana yaKhe, ibandla na? UBaba wafuna yena impela uMkhulisi obedlula bonke Ayengamthola enzela ibandla. Futhi lowo kwakungesuye umbhishobhi omkhulu, futhi kanjalo kwakungesuye uphapha, noma umbonisi jikelele. KwakunguMoya oNgcwele owanikezwa umfundisi nokukhulisa ibandla.

³¹ Amadoda alomhlaba azosonteka futhi abe ngophinqikile no—nokukhohlisa nakho konke okunye ukuthola nje isikhundla esithe ukuphakama kancane ebandleni. UNkulunkulu wayekwazi lokho, ngakho Wayengeke akwethembe ezandleni zomuntu, akunandaba ukuthi uzisho ukuthi ungwele kanjani. UNkulunkulu wakwethemba kuMoya oNgcwele obusisiweyo, futhi UnguThisha noMkhulisi webandla, futhi Uzoletsha umbiko ofanele kuBaba.

³² Manje uma lendoda, ilungile futhi iqotho, nendodana yayise...umgcini wayo: ukuyifundisa, ukuyikhulisa ukuba ihloniphe uyise, ukufeza umsebenzi uyise ayewundlalele yona, ifanele ibe semsebenzini kababa.

³³ Kodwa uma-ke iba, nje, umuntu ongenamsebenzi, uhlobo lomfana oyishinga, owayengenandaba na? Into enjengokuthi sinokuzulazula ezitaladini zethu kulobubusuku: bebhema osikilidi, futhi bephuza, nezindlu zokubhejela, namaphathi amancane omculo wokuzibinya, kanjalonjalo. Futhi nokho, namagama abo encwadini yebandla. O, kul'khuni impela ukuqonda ukuthi umuntu angazibiza kanjani ngenceku yeNkosi, futhi azitike ezintweni ezinjengalokho.

³⁴ Kanti futhi, ucabanga ukuthi umfundisi wacabangani, ngenkathi edingeka eze phambi kukababa enobuso obunamahloni, nobaba ebheke ukuzwa izindaba: “Umntanami uqhubeke kanjani na?”

Nomfundisi, nekhandla lakhe linamahloni, “O, akamuhle kakhulu.”

Ufanele ubaba ajabhe kanjani, “Yini indaba ngendodana yami na?”

“Awu, angeke nje ilalele. Iphumile nesigejane, izulazula ngaso sonke isikhathi.”

³⁵ Futhi uma umfundisi ekhathazekile ukuza phambi kwalowobaba, wenzani uMoya oNgcwele kulobubusuku, lapho Uma phambi kukaNkulunkulu, uBaba, ukuletha izimo zebandla phambi kwaKhe na? Futhi Uzofanele afike, futhi asho, ukuthi: “Bona, leyo yindodana yaKho, eyemukele uMoya waKho, futhi izalwe ngokusha, iyaqophisana futhi ilwe phakathi komunye nomunye. Akukho-bambiswano nabo nhlobo. Ngeke babambisane ngisho ngokwanele ukuba babe nemvuselelo edolobheni.” Ucabanga ukuthi uMoya oNgcwele obusisiwe uzizwa unjani, lapho Ezoletsa umlayezo onjalo njengalowo phambi kukaBaba na?

³⁶ O, badwebe imingcele yabo yamahlelo yaqina kakhulu: “Uma iPentecostal ihlangene nakho, thina maBaptisti ngeke sizihlanganise ngalutho.” Futhi uma amaMethodisti inakho, amaBaptisti angeke azihlanganise ngalutho nakho. Ihlazo elinje pho. Ubani iMethodisti na? Ubani iBaptisti na? Noma ubani amaPentecostal na? Asisiwo yini sonke nje amafidi amancane ayisithupha omhlaba na? Abafayo bazalwa lapha, bavela othulini, nokuphenduka okumbalwa kwelanga futhi sisho siyabuya futhi; bese-ke sicabanga ukuthi singumuntu othize.

³⁷ O, usuku olunjalo, kuwo wonke umuntu ufanele alingise, ngisho nakini bantu, omunye bazama ukulingisa omunye. Nina maProtestane, nanivamise ukuba nokubopha okuhle okuqinile ebandleni lenu, kodwa nithole amaKatolika abengaya emibukisweni, nemidanso, nakho konke; futhi nifuna ukuziphathisa okwawo. Nani besifazane bePentecostal, nabesifazane beHoliness, ababevame ukugqoka futhi baziphathe kahle, nathola ukuthi amaBaptisti aye ukuyogqoka njengezwe; futhi nenza njengawo. Niyazi ukuthi lelo yiqiniso. O, unomqondo wehlelo kakhulu, unomqondo wezwe kakhulu, futhi sekufike endaweni ukuthi ibandla alisengaphezu kwedlangala.

³⁸ Ukuba-ke uMongameli wase-United States uza eChattanooga na? Osopolitiki bebeyoba nenhlonipho kakhulu ngoMongameli, kunoma amaKristu enza ngoJesu Kristu. Uma uMongameli wase-United States ubengeza kulelidolobha, osopolitiki bebeyobeka amaflege kuwo onke amakhona, abasakazi ngaphesheya kwezitaladi, futhi bebeyomemukela phakathi ngebhendi, futhi benze konke ababengakwenza, futhi bathulule amaphakethe abo. Futhi uMongameli ubengenzani na? Abacele okuthile, ukusekela kwabo emkhankasweni olandelayo.

³⁹ O, malibongwe iGama leNkosi. UKristu angeza edolobheni ukukulethela insindiso nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi uMfuqeke ekhoneni ndawondawo. Ucabanga ukuthi uMoya

oNgcwele ucabangani, lapho Ezoletsha lokho phambi kukaBaba na? Ngenkathi umkhuleko kaJesu wawungukuthi nizoba munye, futhi manje seningamahlelo angamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye ehlukene.

⁴⁰ UMoya oNgcwele ukhophozelani eBukhoneni bukaBaba na? Abakwazi ngisho nokuhlangana ndawonye isikhathi eside ngokwenele ukuba nemvuselelo encane edolobheni, bese kuthi-ke, silindele ukuya ekhaya eZulwini ngolunye usuku. Sibheke uKristu ukuba athulule zonke iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye phakathi kwethu. Angakwenza kanjani lapho Engakwazi ngisho nokukwethemba ngobulunga na? Makuthi ukudinwa okuncane kungene ebandleni, futhi nizodumela iphepha lenu, bese nisuka niye kwelinye.

⁴¹ Yebo, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu: Ucabangani uMfundisi, eBukhoneni bukaBaba na? NoBaba angathumela uFakazi waKhe, uMoya waKhe, futhi Azibonakalise ephila, Azibonakalise kubantu ngeZwi, ngezibonakaliso, ngezimanga; nabantu unomqondo wenyama kakhulu baze bangakhathali ngakho. O, isimo esinje ibandla elingene kuso, okwenyama kakhulu. NoBaba uthumela ukulunga kwaKhe kithi, futhi siqhubeke njalo njalo nokukwenqaba.

⁴² Ekugcineni, uMfundisi uyafika wayesethi, “Akusekho okunye engikwaziyo ukukwenza ngalowomntwana. Sengimzamile iminyaka engamashumi amane, futhi noma kunjalo, ungozidlayo nje.” Konke abafuna ukukulandela, yisivumokholo esithize esenziwe ngumuntu, enye imfundiso engaphikiswa, enye indlela ethize yokubhaphathizwa, noma—noma enye imfundiso egqamileyo encane. Futhi abazi lutho ngothando lukaNkulunkulu oluchithekele ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele. Izimpilo zabo ziyakufakazisa.

⁴³ Ufanele ucabangeni uMoya oNgcwele, eBukhoneni bukaBaba na? Uma ningabantwana bakaNkulunkulu, khona-ke ni—ni...ninemvelo kaNkulunkulu. UNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe kuwo wonke umzimba, lonke ibandla. Sizidonselelani ekhoneni na? UNkulunkulu ungwele; futhi nizophathisa okwezwe, nigqoke ngokwezwe, nikhulume ngokwezwe, nikhulume amahlaya angcolile, nibheme osikilidi, niphuze kancane okobungani, futhi nizibize ngamaKristu. Ngiyanidabukela. Singaphunyuka kanjani olakeni lokulahlwa nguNkulunkulu, ekwenzeni kanjalo, ngakho, lapho uMoya oNgcwele ukhuphuka phambi kukaBaba futhi uzofanele ulethe umlayezo onjalo njengalowo na?

Besingahlala isikhathi eside, kodwa isikhathi ngeke sikuvumele.

⁴⁴ Manje-ke, uma-ke umntwana elalela na? Manje, nansi indlela uNkulunkulu akwenza ngayo. UNkulunkulu

akazange akwenze, noma akasoze, asebenzane nanoma iyiphi inhlangano ethize. UNkulunkulu usebenzana nabantu ngamunye. Kunjalo. Kwakungakaze kubekhona-muntu owake wathunywa evela kuNkulunkulu waya enhlanganweni. Hlolani imiBhalo. Akukaze kubekhona umuntu owake wathunywa evela kuNkulunkulu ngaphandle kwalowo izinhlangano ezamenqabay. Umuntu umi yedwa eBukhoneni bukaNkulunkulu ukuba azilande ngempilo yakhe uqobo. Akasebenzani... Anginalutho olumelene nezinhlangano. Izinhlangano zilungile uma ungeke udwebe izintango bese uthi, “*Lokhu* yithi, futhi nonke anikho kukho.” Izinhlangano ilungile, kodwa ufuna ukuba nenhlanganyelo nabo bonke abanye. Futhi asikho lapha ukwakha inhlangano, kodwa silapha ukwakha umgomo, nalowomgomo nguKristu. Manje, bukani isimo nje.

⁴⁵ Khona-ke siyathola, uma ubaba khona-ke azi ukuthi leyondodana ayilaleli, akukho-nto angayenza ngakho. Kodwa, uma-ke indodana ilalela na? Uma-ke umfundisi eza kubaba futhi ethi, “O, mnumzane, ngifuna ukukutshela okuthize, inhliziyoyami igcwele injabulo.”

“Yebo,” kusho ubaba, “iqhuba kanjani indodana yami na?”

⁴⁶ “O, nje i,” (Ngiyaxolisa ngesisho manje, kodwa njengoba besingathi.) “ukhamba lufuze imbiza.” Ifana noyise nje. Ithanda izinto ubaba azithandayo. Yenza into ethokozisa ubaba. O, lowo bekungebe ngumlayezo ukuwuletha phambi kukababa na? UMoya oNgcwele ubungeke yini uthokoze, kulobubusuku, ukuletha lowomlayezo phambi kukaBaba walezizethameli zonke zabantu na? Ubengathanda ukwenza lokho.

⁴⁷ Khona-ke ubaba, kusobala, ubeyokhukhumala, futhi athi, “Leyo yindodana yami, ngiyayithanda, futhi ngoluny’usuku iyodla ifa zonke izinto enginazo, ziyoba ngezayo, ngokuba iyindodana ethembekile. Izoba nazo zonke izinto.”

⁴⁸ Manje, uma yayiyindodana ethembekile, nakho kufika usuku oluthize. Manje, ngifuna nilalelisise ngempela. Nakho kufika isikhathi esithize empilweni yalowomfo osemncane, emva kokuba esefanelekile, emva kokuba wayeseqeqeshwe kahle, futhi uba nonyaka othize, kwakuyisikhathi ubaba emukela ngaso umntwana njengomntwana ayemzalile, emndenini wakhe uqobo. (Lokho kwakungukubekwa kwendodana, kinina befundisi.) Indodana efanayo eyazalwa emndenini yayifanele ibekwe emndenini, noma yayifanele ibe ngumthetho wokwenziwa umntwana, njengoba uPawulu ekhuluma ngakho kwabase-Efesu 1:5, ukuthi sa “miselwa ngaphambili ukuba sibe ngabantwana ngoJesu Kristu.”

⁴⁹ UNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wayazi yonke indodana Ayezoba nayo. Futhi Akazange athumele uJesu ukuba nje ehle futhi afe, ukucabanga ukuthi umuntu othize wayezoMhawukela. Bengingeke ngasiphatha isikhundla sami

kanjalo. Ubungeke uphathe esakho kanjalo. Futhi uNkulunkulu akasiphathi esaKhe kanjalo. Wafikela ukusindisa labo Yena, ngokwazi ngaphambili, wayazi ukuthi bayosindiswa. Usibonile isimo sabo futhi wazi ukulamba kwenhliziyo yabo ngaphambi kokuba izwe lize liqale. Futhi Ufikela ukusindisa *lowo*, Wathumela uJesu, inhlawulo yezono zethu. “Akathandi ukuba kubhubhe namunye,” kodwa Wayazi ukuthi ubani owayezobhubha kusukela ekuqaleni. Uma Engakwazanga, Wayengesuye uNkulunkulu.

⁵⁰ Manje qaphelani, ngenkathi lendodana ikhishelwa esitaladini, endaweni yomphakathi, futhi yagqokiswa, ingubo enhle, phandle phambi komphakathi, kwase kuthi-ke kwaba nomgubho wokwenziwa umntwana. Futhi lendodana yenziwa umntwana emndenini, futhi emva kokwenziwa umntwana emndenini, yayiyindlalifa yakho konke, futhi iphethe izinto zonke.

⁵¹ O, bandla, aniboni ukuthi nilenze kuphi iphutha lenu na? Uzelwe ngokusha, kodwa uhamba uzilibazisa ezweni, nezinto zezwe, noNkulunkulu angeke abeke ithemba kuwe. Yingalesosizathu iziphiwo ezinkulu zingekho kwiBaptisti, iMethodisti, iPresbyterian, amaPentecostal, nokunye nokunye, kungenxa yesimilo sebandla. Bekungathokozisi kuBaba.

⁵² Ngiyazi lokhu kul’khuni, kodwa kuyiqiniso. Makuthi iBandla likaNkulunkulu elikhulu elihlengiwe liziqondise lona uqobo, futhi liqale emuva ekukholweni kuNkulunkulu ngendlela abebefanele ngayo, futhi baphile njengoba bebefanele, uzobona uNkulunkulu efika enkundleni nakho konke Akwethembisa. Kunjalo. Bhidliza imigoqo, futhi ungene, futhi ube...ube nenhlanganyelo, nokuzindla, nothando, futhi ushumaye, futhi ukhonze iNkosi, futhi ubone ukuthi kuzokwenzekani.

⁵³ Kuhlolwe isikhathi eside, umKristu ufanele ahlolwe; yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele, kuqala, iqeqeshwe okomntwana, ihloliwe. Lapho uyokwakha isakhiwo, uhlola impahla oyifaka kuso. Ngenkathi idamu elikhulu lakhiwa ngaseJeffersonville, ukwenzela uzamcolo, bahlola lonke i-awunsi lothuli olwanga edamini ukubona ukuthi lalizowamela yini amanzi. NoNkulunkulu uhlola abantwana baKhe ngezivivinyo nezinkathazo nezinhlopheko, ukuthola ukuthi bangabantwana baKhe ngempela yini. IBhayibheli lathi, “uma singenakukumela ukulaywa, khona-ke singabantwana besihlahla, futhi asisibo abantwana bakaNkulunkulu.” Qaphelani manje. Manje-ke, ngenkathi kufika isikhathi sokuhlolwa, futhi babengakumela ukuhlolwa...

Ngiyalithanda leluculo elidala abantu ababevame ukulicula:

Ezingozini eziningi, izinkathazo nezihibe,
Sengivele ngifikile;

Kwaba umusa ongilethe ngiphephile kuze kube
lapha,
Futhi umusa uzongithatha uqhubeke.

⁵⁴ Bese kuthi-ke, ngenkathi indodana inohlelo lokwenziwa umntwana, bengingakusho kanje: igama layo lalilihle nje eshekeni njengoba lalinjalo elikayise, yayinayo yonke into ayeyifisa.

⁵⁵ Yayingohloliwe, yavivinywa, neyangempela, iNdodana efakazelwe kaNkulunkulu oPhilayo. Khona-ke yayine... Yilokho uJesu adlula kukho. Babephezulu eNtabeni yokuGuqulwa isimo. Wayelingwe emthonjeni; Wayekade elingwe esiqongweni sethempeli; Wayelingiwe ngenkathi udeveli emtshela ukuba enze isimangaliso; zonke izilingo: wayefakazisile ukuthi Wayengeyangempela, iNdodana kaNkulunkulu yeqiniso. Futhi uNkulunkulu wayezoMbeka endaweni eyiyona yona kulokho Ayeyikho ngempela.

⁵⁶ Kwase kuthi-ke phezulu entabeni ngalolosuku, iNtaba yokuGuqulwa isimo, babemi lapho bekhuluma, futhi khona manjalo nakho kwehla ifu livela ezibhakabhakeni, futhi Wakhazimuliswa ebukhoneni babo. Nezingubo zaKhe zakhanya njengokukhanya. Niyayibona ingubo ende yokuqondwa uBaba ayeMnike yona na? Wayenofakazi abathathu basemhlabeni nofakazi abathathu baseZulwini ukubukela lokhu. Futhi ngenkathi Ekwenza, WaZembesa ingubo ende, ingubo ende ekhazimulisiwe.

⁵⁷ Bese kuthi-ke, kusobala, uPetru, njengoba kwenza abantu lapho okungaphezu kwemvelo kwenziwa, baxhuxhuma kakhulu. Niyazi, iNkosi ingathumela imvuselelo encane njengasosukwini lweMethodisti, njengasosukwini lweLuthela, noma ngosuku lwePhentekoste; Angathumela imvuselelo encane, futhi bonke bayaxhuxhuma. Esikhundleni sokubambelela bangatatazeli, wonke umuntu ufuna ukuba yilokhu noma lokho. Kwakukhona isixuku esixubile esaphuma noMose, okungaphezu kwemvelo kwakwenziwe, futhi isixuku esixubile salandela.

⁵⁸ Ngangifunda umlando kaMartin Luther, futhi wathi, “Kwakungesiyo imfihlo,” noma, “ayikho into exakile ukuthi uLuther wayengabhikishela kanjani ibandla eliKatolika futhi azedlulele ngakho: kodwa uLuther wayengalibamba kanjani ikhanda lakhe phezu kwabo bonke ubuhlanya obabulandela imvuselelo yakhe.” Yileyondlela obekungayo ngaso sonke isikhathi.

⁵⁹ NoPetru waxhuxhuma, wayesethi, “Nkosi, kube yinto enkulu ukuba lapha, ngakho-ke asakhe amahlelo athize. Asakhe amadokodo amathathu lapha. Sizoba nelilodwa lalabo abangamaSabatha, ofuna ukugcina usuku lweSabatha, nabagcinimthetho. Futhi sizokwakha elinye lika—likaMo-...

elilodwa likaMose, futhi sizokwakha elinye lalabo ofuna ukugcina isisho sabaprofethi, futhi sizoba nehlelo emva kwabo.” Futhi wathi, “Khona-ke, sizoKwakhela itabernakele, kulabo abangathanda ukuza futhi bakhonze kanye naWe.”

⁶⁰ Akusilo nje lolu hlobo lwabantu esiyilo, nokho, namhlanje na? Sixhuxhume kakhulu. Ngenkathi isiBusiso sePhentekoste sehla enguqukweni yesithathu, into yokuqala, bahlela i-Assemblies of God. Futhi emva kwalokho, bahlela i-United, noma iPA kaJC, iPA kaW, iChurch of God, iChurch of Prophecy (O, bakithi!), kuze kube namakhulu abo, cishe impela. Bonke bafuna ukwakha ihlelo.

⁶¹ UPetru wathi, “Ngizokutshela ukuthi yini: labo abafuna ukukhonza umthetho, asibavumele bawukhonze.” Ngijayabula ukuthi kukhona okwenzekile: “Ngaphambi kokuba aqede ukukhuluma,” bhekisisani ukuthi iBhayibheli lathini, “futhi esakhuluma,” uNkulunkulu wakunqanda ekuqaleni. Bukani emiBhalweni yenu, ivesi 5: “Esakhuluma, ifu labasibekela, kamuva, wakhuluma, iPhimbo lathi, ‘Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni.’”

⁶² Manje, Methodisti, Baptisti, Presbyterian, Church of God, Assemblies, nani nonke, lalalani lokho: “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Eyakhuleka ukuba nibe munye; Yizweni.” UNkulunkulu wayilahla into kwasekuqaleni. Lokho kul’khuni, kodwa yiqiniso. UNkulunkulu akazange athumele umuntu ukwakha inhlangano. Akazange amthumele ukwakha ibandla. Wathumela umuntu ukuba ashumayele iVangeli; nokushunyayelwa kweVangeli kungukubonakalisa uMoya oNgcwele ezweni lonke.

⁶³ Ngokuba, Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo; ngeGama laMi bayaku” kwakha amabandla, izinhlangano, izikole, befundisa isayense yezenkolo na? “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo; ngeGama laMi bayakukhipha amademoni; baphulukise abagulayo; benze zonke izibonakaliso nezimanga.”

⁶⁴ Yikuphi ukushunyayelwa kweVangeli okuyokuveza kulesosizukulwane nje na? “Hambani niye ezweni lonke, lezizibonakaliso ziyakubalandela ezweni lonke.” Inqobo nje uma iVangeli lalizohlala isikhathi eside, izibonakaliso zazizoLilandela.

⁶⁵ Yilapho Ayala khona. Angalokotha noma yimuphi umuntu asho noma angikhombise umBhalo lapho Ake akususa khona ebandleni laKhe. Kodwa senza nje ngokuphambene nalokho. Niyabona ukuthi sonke siminyene kukuphi na? Ngixaxolisa ngalesosisho, kodwa kuyiqiniso noma kanjani.

⁶⁶ Amasondo amandla kaNkulunkulu, nemibuso ayikwazi ukuphenduka, ngoba sinomdala, owudaka, ugrisi omdala we-ekseli ongcolile kuwo ongesiwo owalapho. Esikudingayo

kulobubusuku, ngukugeza ngamanzi ngeZwi, namandla kaMoya oNgcwele ukuba abuyele ebandleni ukuba aqale amasondo omnotho kaNkulunkulu ephenduka; hhayi amaweji nezikulufi namabhawodi ne...ukukuvala ngci. Sidinga ukugezwa ngeZwi, amanzi, amanzi okwehlukhanisa, ukuhlanza, yilokho oku...Lawo akusiwo amanzi emvelo, amanzi okwehlukhanisa ayengesiwo nhlobo amanzi; kwakuyimilotha yethokazi elalibulewe, futhi lalala ngaphandle, negazi lalo lidwetshiwe kasikhombisa phezu komnyango: u-Eksodusi 19.

⁶⁷ Qaphelani. Khona-ke niyabona lapho esesifike khona. Manje-ke, lelibandla elikhulu, ngenkathi ethi, “Asakhe elilodwa u, bonke labo ofuna ukugcina usuku lweSabatha, ongafuni ukudla inyama, asakhe elilodwa lalowo; asithathe uMose nomthetho wakhe.”

⁶⁸ Ngiyajabula ukuthi Waphendula amehlo ethu kuMose. Umthetho ubungakwenzelani na? IBhayibheli lathi, “Akekho osindiswa ngumthetho.” Akunandaba ukuthi ulunge kangakanani, akunandaba ukuthi uphila kahle kangakanani, ungeke wasindiswa ngumthetho. “Kungomusa nisindisiwe; futhi lokho akusikho okwenu: kodwa kungukulunga kukaNkulunkulu kini.” Umthetho wawuyiphoyisa, umthetho wakufaka ejele, kodwa umthetho wawungenakuhlenga ukukukhipha. UKristu unokuhlengwa. Umthetho uthi uyisoni. UKristu wathi, “Ngiza ukuzokusindisa.” Ngiyajabula Waphendula ikhanda laKhe lasuka emthethweni.

⁶⁹ Kuthiwani ngabaprofethi na? Kuthiwani ngo-Eliya na? Wayechaza ukuthini na? Wayengubulungiswa. Wayemele ubulungiswa bukaNkulunkulu. Futhi akekho umuntu ongaba nje ngaphandle kukaKristu.

⁷⁰ UMo-...U-Eliya wayenomyalo ovela kuNkulunkulu; Waya esiqongweni sentaba. Futhi ngenkathi esephezulu lapho, inkosi yathi, “Ake senyuke futhi sithole lowo omdala ongahlakahlile ekhanda, lowomgingqiki ongwele omdala. Yenyukani futhi nimlande.” Futhi wathumela amadoda angamashumi amahlanu.

⁷¹ Nalowomprofethi omdala wasukuma, umzimba omdadlana owondile, nobuhwanqa bulengela phansi njengesiqubuqubu, futhi wathi, “Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle umlilo uvela eZulwini futhi uniqothule.” Lobo ngubulungiswa. Yilokho okukufanele. Angikufuni okungifanele.

⁷² Khona-ke inkosi yathi, “O, mhlawumbe kwakukhona isiphepho sombani esadlulayo, nesiphepho esincane somdumo, nombani ufanele ukuthi wabashaya. Sizothumela nje amanye amashumi amahlanu, ngoba ayikho into enjengaleyo ebingenzeka ngalezizinsuku.” Ngakho wathumela amanye amashumi amahlanu.

⁷³ Futhi u-Eliya waphakama (ubulungiswa) wayesethi, “Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle umlilo uvela eZulwini,

futhi unigothule.” Futhi amanye angamashumi amahlanu ahamba. Ngakho, kwakungeyona ingozi, kwakungubulungiswa bukaNkulunkulu.

⁷⁴ Angifuni ubulungiswa. Angikufuni ukwahlulelwa. Ngifuna umusa. Nkulunkulu ngiphe umusa, hhayi umthetho waKhe, hhayi amahlelo aKhe, hhayi ababhishobhi baKhe; ngifuna uthando lwaKhe nomusa waKhe. Yilokho izwe elikulambele namhlanje, wuthando lwaKhe nomusa waKhe, umusa kaNkulunkulu phezu kwethu. Angikwazanga ukumela umthetho waKhe, angikwazi ukugcina umthetho waKhe, futhi Uyazi ukuthi angibufuni ubulungiswa baKhe, Ubeyongilahla; kodwa ngizokwemukela umusa waKhe.

⁷⁵ Manje-ke, uJesu angakwenzela ini na? Angakusindisa, Angakuphulukisa, Angakunika insindiso yaKhe, Angakuyisa eNkazimulweni, Angamboza izono zakho, Angakwenza uthande omunye nomunye. Angenza iMethodisti ixhawulane neBaptisti, neBaptisti nePresbyterian bagaxane nePentecost, futhi babe ngabazalwane.

⁷⁶ Ngibonga uNkulunkulu ngenkolo eyimfashini endala. Kuyokwenza ipheya lama-ovaloli lhlale eduze kwesudu yedina ituxedo, futhi bagonane, futhi babizane ngokuthi “mfowethu.” Kuyokwenza ingubo kakaliko ihlale eduze kwekasilika, futhi bagonane, futhi babizane “dade.”

⁷⁷ Kodwa lapho nonke niziphakamisa: “Tbandla lami lingcono kunelenu, umelusi wami unemfundo engcono kunowakho”; khona-ke usengowenyama. Impela.

Nkulunkulu siphe umusa waKho, futhi hhayi ukwahlulela kwaKho.

⁷⁸ Yini indaba ngezwe namhlanje na? Yini indaba, ibandla aliqhubekelanga phambili na? Yisiphi isizathu iVangeli lingayanga ezweni lonke na? Yingoba sisaphila phansi kwemithetho namasiko abadala. Sizama ukuzenzela amahlelo, futhi sakhe phezu kwalezozisekelo, nemfundo, naphezu, o, izinhlangano zomphakathi. IBandla likaNkulunkulu oPhilayo alakhelwe kunoma yisiphi sazo, kodwa phezu kwesisekelo esiqinile sikaKristu, iNdodana kaNkulunkulu oPhilayo, ngothando lobuNkulunkulu, ukwazisa wonke umuntu njengomfowabo. O, silidinga kanjani lelogama elincane, igama elinezinhlamvu ezine lika t-h-a-n-d-o. Izwe liyabhubha ngenxa yalo.

⁷⁹ Manje sengivala, ngifisa ukusho lokhu kuphawula: Izwe, isoni phandle ngaleya, mngani, asikuvumeli wakhe amahlelo akho uze ube nezikole ezinhle kunazo zonke; akusikho ukuthi ungakha imicijo yendlu emikhulu ephakamela ngasezulwini. AbaFarisi babenakho konke lokho kangcono kunawe, futhi babebizwa ngabantwana bakadeveli. Isoni asizami ukubona ukuthi ugqoka kanjani; isoni asizami ukubona ukuthi

unemfundo engakanani, nokuthi umelusi wakho angasho kahle kanjani ukuthi, “A-men,” noma iphimbo elithize eliqeqeshwe kahle.

⁸⁰ Uma noma yini engiyizondayo yiphimbo eliqeqeshwe kahle, eliqeqeshwe ngokweqile; bame futhi babambe inothi baze babe luhlaza okwesibhakabhaka ebusweni. Abaculeli uNkulunkulu; bayacula ukwenza omunye umuntu abezwe.

⁸¹ Futhi akukho lutho olungolwaseZulwini ukwedlula ukucula kwePentecostal okuyimfashini endala, lapho indoda yayibhimba kakhulu, nezandla zayo ziphakamele kuNkulunkulu, icula izindumiso nenkazimulo kaNkulunkulu; futhi inenhliziyoyegolide kuyo eyoxhawulana nomakhelwane wayo, futhi imenzele umusa, nakuba engavumelani naye.

⁸² Yilokho izwe elifuna ukukubona; hhayi ukuthi ungakhuluma kahle kangakanani, nokuthi ufunde kangakanani, nokuthi ungamcaphuna kanjani uWebster noma uShakespeare. Ubufanele ucaphune iBhayibheli noKristu, futhi uphile njengoba ushumayela, yinto izwe eliyilindele: “Ungangishumayelesi intshumayelo kakhulu ngiphilele yona.”

“Uma Ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngiyodonsela bonke abantu kimi.”

⁸³ “Baba, benze babemunye. *Lokhu* bonke abantu bazokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye.” Futhi lapha, thina sonke, ibandla elikhulu likaNkulunkulu, njengoba nje lehlukaniwe... Ucabangani uMoya oNgcwele, eBukhoni bukaBaba, OluThando na? Nikhombise umusa kakhudlwana omunye komunye, bandla; yiba nothando kakhudlwana enhliziyweni yakho. Ungazami ukukulingisa, ungeke wakwenza; ufanele ube nakho. Futhi kungani ungathatha isibambiso, zibe izibhakabhaka zePentecostal zigcwele okwangempela na? O Nkulunkulu, yiba nomusa. Uthando, lwangempela.

⁸⁴ Lokho kulingisa, indoda... Ngikholwa ukuthi kwakungu-Abraham Lincoln (umongameli omkhulu kunabo bonke, ngiyacabanga, isizwe esake saba naye), ngikholwa ukuthi kwakunguye, owathi, “Ungakhohlisa abanye babantu, ingxenye yesikhathi, kodwa hhayi bonke abantu, ngaso sonke isikhathi.” Uma uya esontweni nalobo obude, ubuso obungcwele, futhi uxhawulane nodade; futhi ngosuku olulandelayo uqhubeke, futhi udlale amakhadi, futhi uhlale ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuze ubukele u-Elvis Presley, noma elinye ishingalingamesabi uNkulunkulu, u-Arthur Godfrey ekuseni, nezinto ezinjalo; futhi uzibize ngomKristu na? I—isoni sazi kangcono kunalokho. Awungcono kunoma sinjalo, futhi sona siyakwazi. Webe, ukhohlise, uqambe amanga, ungabi nandaba, futhi uziqhelise: “Mina futhi okwami, futhi makuthi bonke abanye bahambe, uma befuna.” Ungake ulindele kanjani ukuthola

izinto na? Izwe lifuna ukubona uthando lwangokoqobo luvezwe obala, uthando lwangempela.

O Nkulunkulu, siphe *lokho*. Siphe uthando.

⁸⁵ Ngingumzingeli; ngiyathanda ukungena ezintabeni. Futhi ngibone into ethize ngoluny'usuku eyathumba inhliziyo yesoni. Futhi uma nizonginakisisa, umzuzwana nje manje. Ngangivame ukuba nekamu elincane lokuzingela, ngahlanganyela nenye indoda. Lalingelayo, ngangingumlingani wayo nje. INkosi njalo yayingibusisa emahlathini, e, lapho engangingathola khona indlela yami.

⁸⁶ Futhi lokhu kwakusenhla enyakatho yeNew Hampshire. Futhi kwakukhona indoda enhla lapho egama linguBert Call: omunye wabazingeli abakahle kunabo bonke engake ngahlangana nabo, kodwa wayeyindoda enonya kunawo onke engake ngahlangana nawo. O, wayenonya enhliziyweni yakhe. Futhi wayevame... Sasihamba siyozingela. Ngangithanda ukuzingela naye; wawungadingeki ukuba ukhathazeke ngaye, wayazi ukuthi wayekuphi, futhi wayeyonamathela ngakuwe ebuhleni nasebubini, indoda enhle ukuzingela nayo, umnembi; kodwa enonya, enhliziyweni yakhe. Futhi ngenyuka ukuyozingela naye; futhi wayethanda ukudubula amazinyane ezinyamazane amancane, ukungenza ngiphatheke kabi nje.

⁸⁷ Niyazi ukuthi abantu baba kanjani, nje bafuna ukukwenza uphatheke kabi, benze okuthize. Intombazanyana endala: yokhela usikilidi, ukukukhombisa nje ukuthi izokwenza. Kuyakhombisa nje ukuthi ukukhuliswa kwakho bekuyini, dade. Kunjalo. Ufuna nje ukuzenza ohlakaniphile. Futhi. . .

⁸⁸ Manje, uma ufuna ukubulala izinyane lenyamazane, lokho kulungile, umthetho waseNew Hampshire wathi ungalibulala izinyane lenyamazane. Kodwa nje elilodwa ngonyaka. Kulungile ukubulala izinyane lenyamazane, u-Abrahama wabulala ithole, noNkulunkulu uyalidla, ngakho kwakungekho-kulimaza kulokho. Kodwa ukwephula imithetho.

⁸⁹ Nabanye benu bantwana abangamaKristu, nihamba nizungeza idolobha lapha, ninswinizisa lawomathayi, futhi nigayisa abantu, nezinto; nelunga lebandla na? Nhloboni yesibonelo osenzayo na? Nokho, ungoweNtsha kaKristu. Ufanele ukufakazele okhuluma ngakho. Nezwe lilindele ibandla ukuba likwenze.

⁹⁰ Futhi lapha, ngenyukela lapho ngenye ikwindla, futhi wayeqambe impempe endadlana, futhi wayengathatha lempempe encane, futhi ngenkathi eyishaya, yayizwakala nje njengezinyane lenyamazane elincane eliyingane, likhala. Manje, *izinyane lenyamazane* liyi "ngane yenyamazane idiye."

Ngase ngithi, "Bert, awuzukukusebenzisa lokho, uzokusebenzisa na?"

Wathi, “A, Billy, hlakanipha, unenhliziyi yenkukhu; kungaleiyondlela ngani bashumayeli, ninenhliziyi yenkukhu nje.”

Ngathi, “Bert, akusikho, nginenhliziyi yenkukhu; kodwa, angifuni ukuba nonya.” Ngathi, “Wenza okungalungile.”

⁹¹ Sahamba sayozingela ngalolosuku; kwakukhona cishe ama-intshi ayisithupha eqhwa emhlabathini. Usuku lonke asitholanga lutho kwaze kwaba yisikhathi sasemini. Futhi sifika esikhaleni esincane; sasingakaze sibone ngisho umkhondo eqhweni eliselisha eliwile. Futhi sahlala phansi, futhi ngacabanga ukuthi wayezokhipha ilantshi yakhe azoyidla, kodwa ufinyelela ephaketheni lakhe wayesethatha lempempe encane.

Manje, kuthi ukuqhotha, futhi ngangimi eceleni kwakhe, njalo, emva kwakhe. Futhi wakhipha lempempe encane ukuyishaya.

Ngacabanga, “Impela, angeke akwenze lokho.”

⁹² Futhi washaya lempempe encane; yayikhala njengengane encane yenyamazane idiye ikhala. Futhi khona manjalo, kungengaphezu kwamayadi angamashumi amabili noma angamashumi amathathu ukuqhela, enkulukazi, inyamazane yensikazi enhle yaphakamisa ikhanda layo (Manje, *inyamazane yensikazi* ingu “mama wenyamazane idiye.”); izindlebe zayo ezinkulukazi, amehlo ayo amakhulukazi ansundu, yayisondele kakhulu, ngaze ngabona imithambo ebusweni bayo. Manje, lokho akweywayelekile. Yaqalaza, kwakukhona okungalungile. Ngase ngibona uBert ethi nyelele ehla esondela kancane, futhi wakhala futhi ngempempe. Nensikazi enkulu engumama yaphumela ngqo esikhaleni. Lokho akweywayelekile kakhulu. Inyamazane idiye neke ivuke, ngalesosikhathi sosuku, ngaphandle uma zesaba. Bese kuthi-ke ukuphumela esikhaleni na? Neke zakwenza lokho.

⁹³ Kodwa kwakuyini na? Yayingumama. Yayingakwembathi lokho. Yayingowoqobo. Yayingumama, nengane yayidinga. Nokuzibonela ngokwemvelo kukamama kuyo kwayivusa; okungaphansi kokweywayelekile, ngenxa yesenzo sohlobo lwayo, futhi yaphumela esikhaleni.

⁹⁴ Ngabhekisisa umzingeli, lapho edonsa isigwedlo esishibilikayo, futhi waphosa igobolondo phezulu embhobhweni walesi esikhulu i. 30-06; wasilinganisa.

⁹⁵ Nomama wambona. Ngokweywayelekile, zaziyojijima ngamandla azo onke. Kodwa ngenkathi ibona umzingeli, kwakusalokhu kungayimisi. Yagxuma. Kodwa kwakuyini na? Kwakukhona ingane enkathazweni, futhi yayingumama. Nakuba kwabiza impilo yayo, yayizonikela ngempilo yayo ukuba ihlengi leyongane. Niyabo, kubizwa ngo “thando

lukamama.” Yayingesuye umzenzisi, yayingowangempela, futhi yaphuma yaya ekufeni kwayo.

Nenhliziyoyami ishaya, ngacabanga, “O, Bert, impela, ungeke.”

⁹⁶ Futhi ngambona elinganisa lesosibhamu esikhulu engatatazeli nje, nalezozinwele eziyisiphambano enhliziyweni yayo, ngazi lapho ethinta leyongcipho, wayezozhumisa inhliziyoyami ithi ngqu kuyo.

⁹⁷ Ngacabanga, “Bert, ungakwenza kanjani lokho na? Lowo owangempela, umama othembekile; ungakwenza kanjani lokho na?” (Wayengumnembi.) “Ungakwenza kanjani, Bert na?” Ngacabanga, “O Nkulunkulu, ungamvumeli akwenze.” Ngaphendula ikhanda lami. Angikwazanga ukukubuka kwenziwa.

⁹⁸ Lowomama wangempela, nento ethize eyayingeyoqobo, emi lapho ekufeni kwakhe, ngoba kwakukhona into ethize ngaphakathi kuye eyayingambizela ngisho ekufeni kwakhe; nokho, wayezovikela umntwana wakhe. Wayebheka leyongane.

⁹⁹ Ngaphendula ikhanda lami, futhi ngangilalele ukuzwa lesosibhamu siqhuma, nokubuka ukusakazeka kwenyama, naleyonhliziyoyenyamazane idiye iyosakazeka iyothi ngqu kuyo, ngenkathi inhlamvu enkulu esakhowe yayizoshaya kuyo. Futhi ngalinda, futhi angizwanga lutho, futhi ngalinda isikhashana kade. Ngangifulathele, ngacabanga, “Yini indaba na?”

¹⁰⁰ Futhi ngenkathi ngiphenduka, umbhobho wesibhamu esikhulu wawuhamba *kanje*. Waphosa isibhamu phansi, waphenduka, wangidumela ngemilenze, wathi, “Billy, sengenele yikho, ngiholele kulowoKristu OwuThando. Uma uthando lukamama belungama kuleyondlela ekufeni, mangibe nalolothando lukaNkulunkulu lapho ngifika ekufeni kwami,” washo.

Niyabo? Kungukuvezwa obala kothando lwangempela.

¹⁰¹ “Nomama angayikhohlwa ingane yakhe encelayo, kodwa angisoze Nganikhohlwa. Amagama enu aqoshwe ezintendeni zezandla zaMi.” Izwe lifuna ukubona *lolohlobo* lothando ebandleni, lifuna ukubona *lolohlobo* lothando kumuntu ngamunye. Khona-ke Uzokubizela eceleni ndawondawo, bese ethumela ingelosi ezansi kuwe, futhi uzokwemukela njengomntwana emndenini waKhe, futhi akuphe isiphiwo sobuNkulunkulu. Aze uNkulunkulu abone lolothando lwangoqobo, olwathumela uKristu eKalvari, ebandleni laKhe (Namahlelo enu ayabaleka. Gcina ihlelo lakho, kodwa, thanda wonke umuntu, bhidliza izindonga zomehluko, futhi nibe munye eNdodaneni yaKhe.), izwe, khona-ke, lizokwehlisa izikhali, futhi lizinikele kuKristu: “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni. Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe

kangaka, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo angabhubhi, kodwa abe nokuPhila okuPhakade.”

¹⁰² Ungathanda ukuba nothando lukaNkulunkulu kuwe, obungaluveza ezweni (hhayi umzenzisi, hhayi ngoba wabhaphathizwa ngendlela ethize, noma wafafazwa, noma—noma waguquka, noma okuthize, noma amadlingozi athize amancane owedlula kuwo; kodwa enhliziyweni yakho) uthando lobuKristu lwangokoqobo na? Hhayi ukuthi, “Awu, umelusi wangitshela ukuthi angisafanele ngigqoke njengezwe, futhi ngibe yonke indlela...o, angifanele ngibe yilezi...ukugqoka lezizikhindi ezindadlana ntambama, noma okunye nokunye kanjalo.” Kodwa Into ethize kuwe ekuqhubela kuKristu, ukuthi uMthanda kahle kakhulu, ungeke ukwenze. Ungathanda ukuba nakho na?

¹⁰³ Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. *Kukhona Umthombo Ogcwaliswe NgeGazi*. Wonke umuntu emkhulekweni, nawo onke amakhanda ekhotheme, ngiyacela. Ngineqiniso ukuthi nonke niyazi ukuthi siyizidalwa ezifayo; uthuli obhekise ikhanda lakho kulo, uNkulunkulu ukuthathe kulolo, futhi ngokushesha usendleleni yakho ubuyela emuva.

¹⁰⁴ Ngiamangala, ngenkathi umnyuziki usadlala kamnandi namaphansi, uMoya oNgcwele uhamba, akekho obheka phezulu, ngiyacela, ake nje iNkosi, nami, sikubone lokhu. Lunga lebandla, soni, noma ngabe ungubani, bangaki kini abangathanda ukuba nothando lokumesaba uNkulunkulu enhliziyweni yakho, ukuthi ungaveza uKristu obala ezweni, futhi ube ngokoqobo njengalowomama omdala oyinyamazane idiye ayenakho enhliziyweni yakhe ngengane yakhe na? Ungathanda ukuba ngowangempela kangako, umKristu kakhulu impela nje njengoba yayingumama na? Yazalwa ingumama. Ningaziphakamisela izandla zenu kuNkulunkulu njengamanje na?

¹⁰⁵ Asinandawo lapha ukwenyusa abantu, kodwa uNkulunkulu anibusise. O, lokho yi...bukani nje phezu kwesakhiwo, ndawo zonke. Kovulandi abasesitezi ngakwesokunxele, phakamisa isandla sakho manje: “Nkulunkulu ngiphe lolohlobo lwenhliziyo kimi, ezongiqhuba, Nkosi, ukwenza lokho okulungile, nokwazisa uKristu; ngisho nalapho ubasi wami noma umakhelwane wami, kumbe noma ngabe ubani, enza okungalungile, ngingakhuluma nabo kamnandi, futhi ngiveze obala isimo sobuKristu esinjalo.” Ovulande abasesitezi ngemuva, ningaziphakamisa izandla zenu bese nithi, “Nkulunkulu yiba nomusa kimi. Mina, manje, Mfowethu Branham, ngifuna ukwemukela uthando lukaKristu ngami, lokho kuzongenza ngibe njengoba Efuna ngibe njalo.” Ovulandi abasesitezi ngakwesokudla, ubungakwenza yini, bangaki phakathi lapho na? Angikhathali ukuthi usube yilunga

lebandla isikhathi eside kangakanani, uma ungenalo lolothando lwangempela, phakamisa isandla sakho nje kuYe manje, bese uthi, “Nkulunkulu ngiphe lolothando.” UNkulunkulu anibusise ndawo zonke, lapho. Kulo lonke iphansi elingaphansi, kuzo zonke i, zonke izikhala zezihlalo, beningaziphakamisa nje izandla zenu bese nithi, “Kristu yiba nomusa.” Phezulu le manje, ukuze uNkulunkulu akwazi ukukubona. Kunjalo. Amakhulu abo. “Ngiphe, O Nkosi, lolothando. Ngiphe uKristu. Ngifuna ukuthanda wonke umuntu. Ngifuna ukuthanda wonke umuntu. Ngifuna ukugcwala kakhulu uthando. Ngifuna uthando lwangempela, Nkosi, hhayi ukulingisa, kodwa uthando lwangempela. Ngifuna ukuluveza obala. Wena wathi, ‘Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni.’”

¹⁰⁶ Hlala ngqo ehlelweni lakho, lokho kulungile. Hlala khona lapho lapho okhona, kodwa ngempela unokuthile ongakuveza kulelohlelo.

¹⁰⁷ Kulungile, manje ningehlisa izandla zenu, umzuzwana nje manje. Manje, yibani qotho ngempela, sizokhuleka.

¹⁰⁸ Nkulunkulu wethu, noBaba wethu, Owaletha uthando lobuWena uQobo, Nkulunkulu, ngangivame ukucabanga ukuthi Wawungithukuthelele, kodwa uJesu wangithanda. Kodwa sengiphile isikhathi eside ngokwenele ukuthola ukuthi uJesu wayeyiyo impela iNhliziyo kaNkulunkulu, ukuthi iNhliziyo yaKhe enkulu ingithande kakhulu ngangokuthi Wanikela ngokuPhila kwaKhe ngenxa yami, ukuba kube yinhlawulo ngezono zami, nami: esinecala, isoni esingcolile. Futhi Wangithanda futhi Wangihlenga ngothando lwaKhe olubusisiweyo, futhi unginika uthando lwawo wonke umuntu.

¹⁰⁹ Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ngabo bonke, manje, one...baphakamise izandla zabo. Bebebaningi kakhulu, angikwazanga ukubabala, kodwa Uyabazi bonke, Nkosi. Futhi ngiyakhuleka, ukuthi, ngalo lelihora, ukuthi uzothumela uMoya oNgewele enhliziyweni yabo, ozobanika uthando oluzobenza bame ngokweqiniso nje kuWe, njengoba umama wenyamazane idiye enza ngegane. Siphe khona, Nkosi.

¹¹⁰ Kwangathi bangaphila izimpilo ezinjalo zokuziphatha kahle, kusukela kulokhu kuqhubeke, kuze kube lonke idolobha namadolobha azungezile lapho behlala khona, bangahle bathi, lapho bedlula behla ngesitaladi, “Uma kwake kwabakhona umKristu, nampo behamba, ngokuba nomoya omuhle kwalowomuntu, nakuba bengesibo abehlelo lami, kodwa nokho, bangamaKristu angempela. Banomoya omuhle futhi banomusa.”

¹¹¹ Wena ushilo eZwini laKho, “Nina ningusawoti womhlaba: kepha uma usawoti edumele...” Futhi Nkulunkulu, ngiyesaba yilokho okwenzekile ebandleni: lilahlekelwe ubumnandi balo, lilahlekelwe uthando lwalo, lilahlekelwe ukuthonya kwalo

ukuletha izoni kuWe. Nje lingenisa isigejane samalunga, futhi liwabhaphathize, futhi liwavumele aphile ezweni, nokuthonya kwawo konakalise ibandla.

¹¹² Nkulunkulu, yiba nokuhlanzwa kwendlu kwangempela. Shanela kusuka epulpiti kuya ekamelweni elingaphansi, futhi dala kithi, Nkosi, inhliziy o entsha, futhi usiphe leyonhliziyo egcwele uthando lobuKristu nenhlanganyelo, ukuze kube nobuzalwane bangempela babesilisa nabesifazane abangamaKristu. Yenza, Nkosi, qala khona lapha. Wena ushilo eZwini, “Celani noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza.”

¹¹³ Manje-ke, njengenceku yaKho: thatha imiklomelo yalomlayezo, bese ubabeka eMbusweni kaNkulunkulu, futhi kwangathi bangathela izithelo zikaMoya: okungukuthi kuqala, uthando, ukujabula, ukukholwa, ubuvi, ubumnene, ukukhuthazela, ukubekezela, ububele. Siphe khona, Baba. Ngibethula kuWe. Baphakamise izandla zabo, bekhombisa ukuthi umoya ophakathi kwabo wenze isinqumo ukuba baKulandele, futhi manje, Nkosi, bathathe, futhi Uzobapha iNdodana yaKho, njengesipho sothando.

¹¹⁴ Futhi ekupheleni konyaka (ngingahle ngingaphinde ngikwazi ukubaxhawula lapha.) mangixhawule sonke isandla esiphakanyisiwe kulobubusuku, Nkosi, kulowoMbuso ngaleya kwalapha: lapho esingasophinde sishumaye khona esonini, noma sikhulekele abagulayo, asisoze sabona abadala noma abaqhothe amahlombe; kodwa siyoba basha lapho kuze kube phakade, siguqulwe ngomzuzwana wesikhathi. “Ongasayikufa uyoma ekufaneni naYe, izinkanyezi nelanga ukuba kukhanye kakhulu.”

O Nkulunkulu, siphe khona. Ngibanikela kuWe manje, eGameni likaJesu. Amen.

¹¹⁵ Nje, anizizwa nikahle na? Akunjalo na? Asithi kancane manje, wonke umuntu ame umzuzwana nje. Ngizama ukucabangisisa: Ngitshele uDkt. Vayle, kulobubusuku, bengizoba nomugqa osheshayo. Ngileyithi, angazi noma ngingakwazi noma qha. Umzuzwana nje.

¹¹⁶ Asicule leli nje, kancane ngempela manje. Nonke, akunandaba ukuthi ubani, unephimbo, cula. Ungaculi kumakhelwane wakho, cula kuNkulunkulu.

Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
Nezoni zibhukuda ngaphansi kwalelothantala,
Kusuke lonke ibala lecala lazo.

Phakamisani izandla zenu.

Kusuke lonke ibala lecala lazo,
Kusuke lonke ibala lecala lazo;
Nezoni zibhukuda ngaphansi kwalelothantala,

Kusuke lonke icala lazo . . .

Yibani nje nilokhu niphakamise izandla zenu umzuzwana.

¹¹⁷ Baba Nkulunkulu, buka phansi njengamanje. Susa icala lethu nebala kithi, futhi usiphe inhliziy o entsha, Nkosi. Futhi masazi inhlanganyelo noKristu sengathi asikaze sazi ngaphambili. Siphe khona, Nkosi. Laba baseNingizimu abathandekayo ezansi lapha, Nkosi, benenhliziy o yegolide: Ngikhulekela ukuthi Uzongena kulobubusuku, Nkosi, futhi nje ubangele into ethize ukuba yenzeke ezokwenza lonke ubandlululo lubhidlike, futhi kuzofika imvuselelo eyimfashini endala kulelidolobha lapha, Nkosi, ezovele nje ishukumise idolobha lonke, nalo lonke ibandla. Siphe khona, Baba. Sikucela eGameni likaKristu. Amen.

Uphi uBilly na? Uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Bekuyini na? U-M? Elokuqala kuya ekhulwini na?

¹¹⁸ Ubusuku obubili noma obuthathu bokugcina kade sibiza labo *abangenawo* amakhadi omkhuleko, futhi kade sishiya amakhadi omkhuleko odwa. Kulobubusuku, okwemizuzwana embalwa, nginakisiseni cishe eyishumi-nanhlano, imizuzu engamashumi amabili, asibize labo *abanamakhadi* omkhuleko kulobubusuku. Amakhadi omkhuleko akhishiwe ngu-M.

¹¹⁹ Asibizanga kusukela emashumini amahlanu ngesinye isikhathi na? Izolo ebusuku, lapha na? Bekungesiwo amashumi amahlanu esibize kuwo na? Kusukela emashumini amahlanu kuya emashumini ayisikhombisa-nanhlano noma into efana . . . Asiqale kusukela emashumini ayisikhombisa-nanhlano khonake, kulobubusuku. U-M amashumi ayisikhombisa-nanhlano. Ubani onalelokhadhi lomkhuleko na? Inenekazi lapho na? Woza khona lapha ezitebhisini, nenekazi. Amashumi ayisikhombisa-nesithupha, amashumi ayisikhombisa-nesikhombisa, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalombili, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalombili. Ubone uma abahlanu besukuma. Uma bengakwazi ukusukuma, tshela nje omunye oseduze kwakho, bazokuthwala. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine; oyedwa oshodayo. Amashumi ayisikhombisa-nanhlano, amashumi ayisikhombisa-nesithupha, amashumi ayisikhombisa-nesikhombisa, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalombili, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nanye, amashumi ayisishiyagalombili-nambili, amashumi ayisishiyagalombili-nantathu, amashumi ayisishiyagalombili-nane, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlano.

¹²⁰ Qalaza, kukhona abanye abashodayo manje. Bukani ikhadi lomun'umuntu, kungahle kube ngumuntu oyisithulu noma oyisimungulu, akakwazi ukukhuluma noma ukuzwa; buka ikhadi likamakhelwane wakho, wonke umuntu akaqalaze

amakhadi akho, ndawo zonke, bonke bakovulandi abasesitezi nasezindaweni zonke. Abantu bayafika nje futhi bathole amakhadi abo, futhi baye noma yikuphi lapho befuna ukuya khona, futhi bahlale phansi. Bangaki engibabizile ngaleyonkathi na? Ishumi? Ishumi? Amashumi ayisikhombisa-nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalombili, bekunjalo na? Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu? Bonani ukuthi bangaki eninabo lapho.

¹²¹ Besalindile, qalaza, manje, kumakhelwane wakho. Omunye mhlawumbe u. . . Nanti inenekazi linesitho esibi lapha, ngiyazi belingeke lihambe. Ngibona omunye, phakathi, ngapha, enesitho esibi, umfo osemncane. Indoda ehlezi esihlalweni esinamasondo, ayikwazanga ukuhamba. Mhlawumbe lona lapha. Angazi. Omunye akabhekisise amakhadi abo, uma benekhadi. Kulungile. Amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, amashumi ayisikhombisa-nesithupha, amashumi ayisikhombisa-nesikhombisa, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalombili, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nanye, amashumi ayisishiyagalombili-nambili, amashumi ayisishiyagalombili-nantathu, amashumi ayisishiyagalombili-nane, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye. Kulungile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kuqala. Niyabo?

¹²² Une. . . Sinika wonke umuntu amakhadi, sibanikeze nje, yikhadi elincane elinenombolo kulo. Ubusuku ngabunye siqala ukusuka endaweni eyodwa kuya kwenye, asazi. Futhi sizonibiza, yibani ngababekezelayo nje; kodwa asikwazi ukubaletsa bonke kanyekanye. Niyabo? Asikwazi, sifanele sibe nomuntu esiqala kuye.

¹²³ Manje, bangaki owaziyo ukuthi uJesu Kristu, ngenkathi Esemhlabeni, akazishongo ukuthi ungumphulukisi na? Bangaki okwaziyo lokho na? Niqonde kuphela okukodwa kokuthathu kwalandlu, ukuthi, kuphela, obazi ukuthi uKri-. . .? Wathi, “AkuMina owenza imisebenzi: nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi.” Bangaki okwaziyo lokho na? Khona-ke Wayengenjalo.

¹²⁴ Bangaki owaziyo ukuthi Washo lokhu na? KuJohane oNgeweze 5:19, lapho, emva kokuba Esedlule ngasechibini laseBethesda; lapho izixuku ezinkulu zezinyonga, izimpumputhe, izishosha, abashwabeneyo belele, futhi bengakwazi ngisho nokunyakaza, ukubona, ukuzwa, noma lutho; futhi wedlula ngakubo bonke; futhi wathola indoda ilele ohlakeni, futhi wayiphulukisa; futhi wahamba, futhi washiya sonke isigejane. Futhi ngenkathi Ebuzwa, Wathi,

“Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza: lokho iNdodana iyakwenza kanjalo.” Bangaki okwaziyo lokho na? Impela. Akuzange kubekwe enyameni efayo. NguNkulunkulu ngaso sonke isikhathi.

¹²⁵ Bangaki owaziyo ukuthi uJesu wabona umbono ngaphambi kokuba Enze noma yimiphi imisebenzi na? Ngisanda kukucaphuna nje, “Angenzi lutho aze uBaba angibonise kuqala.” Ngakho-ke, Wayengenakuqamba amanga; WayenguNkulunkulu, ngakho Wayengenakuqamba amanga.

¹²⁶ Manje, bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisani izandla zenu. Kuyamangalisa. Bheka ngapha khona-ke. Bheka ngaseKalvari, njalo, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyu yakho. Ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, Wenza kanjani...?

Bangaki ongakaze abe komunye wemihlangano yami na? Ake sibone izandla zenu. Awukaze ube komunye wemihlangano yami ngaphambilini na? Buka lapho nje. (Ukuchazile na?)

¹²⁷ UJesu wenza kanjani...? Bangaki okholwayo ukuthi sisezinsukwini zokugcina, ukuphela kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe na? Impela. Bangaki owaziyo ukuthi ngenkathi uJesu Ezibonakalisa eJuden, Watshela iJuda, Wenze isimangaliso esingaphezu kwemvelo na? UPetru weza kuYe: Owokuqala, uSimoni wahamba, noma, u-Andreya wahamba futhi wafumana uPetru, umfowabo, futhi wamletha, futhi ngenkathi uPetru efika, uJesu wathi kuye, “Igama lakho unguSimoni, negama likayihlo nguJonase.” Bangaki okwaziyo lokho na? Ucabanga ukuthi lowomphostoli wacabangani, ngenkathi Esho lokho na? Wazi ukuthi wayengubani, nokuthi igama likayise lalingubani.

¹²⁸ Khona-ke uFiliphu, womuzi ofanayo, waya ngale, futhi wafumana uNathanayeli, cishe amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba, ngaphansi kwesihlahla, ekhuleka. Bangaki owaziyo ukuthi lowo nguJohane oNgcwele 1 na? Futhi wathi, “Woza ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazareth, indodana kaJosefa.”

¹²⁹ Manje bhekisani! Nakhu kufika umHeberu wokuqina. Futhi lapho efika kuye, wathi, “Manje, kukhona okuhle okungavela eNazareth na?”

¹³⁰ NoFiliphu wathi kuye, “Woza ubone.” Awucabangi ukuthi leso yisizathu esihle na? “Woza ubone.” Futhi endleleni ngapho, uqala ukumyala ngalokho Ayekutshela uPetru, nokunye nokunye, lapho ingxoxo iqhubeka.

Futhi ngenkathi enyukela eBukhoneni bukaJesu, wathini uJesu kuye na? Wathi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

Futhi yena wathini na? “Rabi, Ungaze nini na?”

Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi uphansi komkhiwane, Ngakubona.”

¹³¹ Bangaki owaziyo ukuthi yilokho Akusho na? Bekuchazani lokho kulomfo na? Wathi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli.” Ngabe kunjalo na?

UJesu wathi, “Ngoba Ngikutshela lokho, uyakholwa na?” Manje yilokho iJuda leqiniso langempela elakucabanga.

¹³² Bathini abaFarisi nezifundiswa ezinkulu, izinhlangano ezinkulu namahlelo ngaYe na? Bathi, “Ungumbhuli; unguBelzabule, inkosana yodeveli.” Bangaki okwaziyo lokho na?

¹³³ UJesu wathi, “Ngiyanithethelela ngokuNgitshela *lokho*: kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile futhi enze into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa.” Bangaki okwaziyo lokho na? “Lelizwe, noma lelo elizayo.” Manje Wazibonakalisa kanjalo-ke Yena uqobo kumaJuda.

¹³⁴ Manje-ke, ngenkathi EseSamariya, Wamukisa abafundi, nowesifazane waphuma ukuzokha amanzi. Manje lelo yiSamariya. Kunezizwe ezintathu kuphela: amaJuda; abeZizwe; namaSamariya, okuyiJuda ingxenye noweZizwe. Abantu bakaHamu, uShemu, noJafete, amadodana amathathu kaNowa: zonke izizwe zomhlaba zavela kubo.

Qaphelani, futhi ngenkathi Eya kowesifazane waseSamariya, Wathi, “Ngiphuzise.”

Wathi, “Sinomthetho wokwehlukana: ayikho into enjengokuthi nina maJuda ninanoma iyiphi inhlanganyelo nathi maSamariya.”

Futhi Wamazisa ukuthi uNkulunkulu wenza ngagazi linye bonke abantu: Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye; ubuyocela kiMi amanzi.”

¹³⁵ Futhi Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe. Bukani, uBaba waMtshelela ukuba enyukele eSamariya. Wayesendleleni yaKhe eya eJeriko futhi lokho kuqhele ngamamayela amaningi endleleni yaKhe. Wavele waya lapho wase ehlala phansi, walinda, ngokuba Wathuma abafundi baKhe. Leyo yinto efanayo lapha.

¹³⁶ Ngakho, manje-ke kwenzekani na? Wathi, “Awu, Wena... umthombo ujulile, futhi Awunalutho lokukha.” Wahamba wayokhuluma naye. Wenzani na? Ebamba umoya wakhe. Futhi ngenkathi Ethola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, Wamtshelela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe: Wathi, “Hamba ulande indoda yakho.”

Wathi, “Anginayo.” U...

Wathi, “Kunjalo: ubunayisihlanu; nale onayo manje ayisiyo indoda yakho.”

Bhekisisani ukuthi lowomSamariya wathini.

AmaJuda athini ngenkathi lokho kwenziwa na? “UyiNdodana kaNkulunkulu.”

¹³⁷ Wathini umSamariya na? “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi lapho uMesiya efika, ukuthi Uzositshela lezizinto. Kodwa UnguBani na?”

Wathi, “NginguYe, okhuluma kuwe.” Ngabe kunjalo na?

Wenzani lowo wesifazane na? Wagijimela emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu, ongitshele izinto engizenzile: akuyena yini Lona impela uMesiya na?”

¹³⁸ Uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade; UsenguMesiya ofanayo. Akakwenzanga ngani lokho phambi koweZizwe na? Wenqabela abafundi baKhe ukuba baye kunoma yimuphi oweZizwe. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela wakwenza. Wathi, “Ningasondeli kwabeZizwe.” Ngokuba *lolu* wusuku lwabeZizwe. *Lokho* kwenziwa ekupheleni kosuku lwamaJuda. *Lokhu* ngukuphela kosuku lwabeZizwe. Futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade; Uzofanele afane emgomweni, ofanayo emandleni, ofanayo ekubonakalisweni; kungenjalo Akasuye izolo, namuhla, naphakade. Uma Esenguye; Uyoziphatha ngokufanayo, Uyokwenza ngokufanayo, futhi Ubophezelekile ukuba Aziveze phambi kwabeZizwe njengoba Enza kumaSamariya namaJuda; noma Wakhetha umuntu.

¹³⁹ Lapho uNkulunkulu enza noma yini, lapho inhlekelele ivuka, futhi uNkulunkulu wenza noma yini, Ufanele akwenze lapho inhlekelele efanayo ivuka, noma Wenze okungalungile ngenkathi Ekwenza okokuqala. UNkulunkulu akayi ngokuhlakanipha, Wayengongenasiphelo kwasekuqaleni nje, izingqumo zaKhe ziphelele.

¹⁴⁰ Manje, kukuwe. Manje, ngiyacela, akukho ukuhamba noma ukuza. Uma uzofanele uhambe imizuzu embalwa elandelayo, kwenze manje. Hloniphani ngokuzithoba ngempela ngokuba asibhekene nalutho kodwa imimoya, ngakho hloniphani ngokuzithoba ngempela manje, imizuzwana embalwa nje. Manje, bukani ngapha nonke nina maKristu.

¹⁴¹ Bukani lapha: Nanti iZwi likaNkulunkulu. Ngabe Liqinisile, noma ngabe Linephutha na? Liqinisile. Manje, uma Liqinisile, ngikushilo: Bangaki okholwayo ukuthi ngicaphune iBhayibheli impela nje na? Impela. Isithembiso sikaKristu. Uma uKristu ezosigcina lesosithembiso ukuba Azibonakalise njengoba Asho: “I...kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona.” Yini leyo na? Ongakholwayo. “Izwe lingeke lisaNgibona; nokho niyakuNgibona nina: ngokuba Ngi” (futhi u “Ngi” yisabizwana somuntu), “Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni

kwezwe. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza; eminingi kunale; ngoba Ngiya kuBaba.”

¹⁴² Buyela eMoyeni futhi, kungaba sebandleni laKhe emhlabeni wonke. Wayengaba sendaweni eyodwa kuphela ngenkathi Ebonakaliswa kuKristu; Ubonakaliswa ebandleni namhlanje. “UKristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.” IZwi elilodwa elivela kuKristu lizosho okungaphezu kwanoma yimuphi umshumayeli abengakusho ezikhathini zokuphila ezingamashumi amahlanu. Manje asihloniphe ngokuzithoba.

¹⁴³ Nakhu kumi owesifazane; mdala kunami, angikaze ngimbone empilweni yami, uyisihambi ngokuphelele kimi, kodwa uNkulunkulu uyamazi owesifazane. Uma lesi kungesiso isithombe esihle sikaJohane oNgcwele 4, angikaze ngisibone esisodwa: owesilisa nowesifazane bebonana okokuqala empilweni.

¹⁴⁴ Manje, umlayezo engisanda kuwushumayela ubuvela kuKristu; manje uma lokho kuyiqiniso, uNkulunkulu ubophezelekile ukuba angigcobe, ukufakazisa iZwi laKhe ukuthi linjalo. Akukho kusebenzisa... Umuntu angasho noma yini: kodwa akusikho *ukukusho*, kungukwenza. UNkulunkulu ubengasho noma yini: ukuba Ubengesuye uNkulunkulu, Ubengeke adingeke akwenze; kodwa ukuze abe nguNkulunkulu, Uzofanele aligcine iZwi laKhe.

¹⁴⁵ Ngabe siyizihambi, dadewethu na? Siyizo. Ukuze izethameli zizokwazi manje, nje siphakamise izandla zethu, ukuthi lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana. Angisenamqondo ukuthi owesifazane umeleni lapho, kunanoma—kunanoma yimuphi omunye umuntu oyisihambi kuye. Futhi nanti iBhayibheli libekwe lapha, futhi nanti...simi lapha, uNkulunkulu ulapha. Futhi bekufanele kwenzeni kini maKristu na? Uma uNkulunkulu ethanda, kulona wesifazane; angahle abe ngumgxeki, uma enjalo, bhekisisani ukuthi kwenzekani.

¹⁴⁶ Bangaki abafundile ukuthi leyondoda iyafika futhi yazama ukungithwebula emhlanganweni na? Yenza...niyazi, noma ihambe izungeze lamakamu amabutho futhi ibenze bakhonkoth njengenja. Ibikade ikhubazekile cishe iminyaka emihlanu, manje; ngenkathi uMoya uphenduka, wathi, “Wena mzenzisi, wena ndodana kadeveli. Ukufakeleni udeveli enhliziyweni yakho ukuba uze lapha na? Ukhubazekile.” Futhi isakhubazekile namanje.

¹⁴⁷ Kuthiwani ngalabo abahambayo, lonke iqembu labo, esikhungweni sezinhlanga ngakusasa ekuseni, ngoba bahlala futhi bahlekisa ngalokho okwakwenzeka na? Lokho ngamaphephandaba.

¹⁴⁸ Kuthiwani ngalowomshumayeli, ngalesosikhathi, ofikayo futhi wafaka ikhadi lakhe lomkhuleko; wacabanga ukuthi kwakungukufunda ingqondo, futhi emi emsamo, kwambiza,

futhi kwamtshela ukuthi wayengubani, futhi waye, ayekwenzile kanjalo, ngase ngithi, “Izifo ozibhale ekhadini lakho lomkhuleko, usunaso manje.” Ngase ngithi, “Indoda ehlezi khona laphaya kuvulandi osesitezi, yilowo obusetafuleni izolo ebusuku, nendwangu eluhlaza satshani ibekwe phezu kwalo. Nakho kuhlezi unkosikazi wendoda, khona phezu lapho, futhi uthe, ‘bekungukufunda ingqondo,’ futhi uyokufakazisa. Manje usunakho obunakho.” Yafa cishe ezinyangeni ezintathu kamuva inomdlavuza eyayinawo ekhadini layo. E-hhe. Umshumayeli. Asidlali, bandla. Lona nguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, ebandleni laKhe. Hloniphani ngokuzithoba.

¹⁴⁹ Dadewethu, uma bekukhona noma iyiphi indlela yami ukuba ngikusize: Nginomama omdala ekhaya kulobubusuku, ekhulekela umfana wakhe ongumshumayeli. Nginamantombazanyana amabili ekhaya, engikhulekela. Nginonkosikazi ohlezi khona lapho, engikhulekela; indodana lapha, ndawondawo, ingikhulekela. Ngi—ngiyakholelwa kuNkulunkulu, futhi nginga—ngingaqoka nje ukuhamba ngisuke kulomsamo, ngibe nomkhuleko wokungcwaba, futhi ngihambe, kunokuma lapha, futhi ngizame ukunidukisa. Ngizohlangana nani ngolunye lwalezizinsuku, eBukhoneni bukaNGIKHONA OMKHULU.

¹⁵⁰ Futhi manje, uma iNkosi uNkulunkulu izongisiza ukuba ngazi ukuthi yini oyizele lapha... Manje uma ngikutshelile, “Uyagula, nenekazi,” lokho kungahle kube ukuqagela. Futhi ngithi, “Ngizobeka izandla phezu kwakho; uzosinda.” Lokho kusengaba ukuqagela futhi. Kodwa uma uMoya oNgcwele uzokwenza njengoba wenza eNdodaneni kaNkulunkulu, ubuyele emuva, futhi ukutshela okuthize okwenzekile, khona-ke uzokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha. Futhi uma Azi ukuthi *bekuyini*, impela Angakutshela ukuthi *kuzoba yini*. Niyabo, a—akuyikubakho-ndlela yokufihla lokho.

¹⁵¹ Manje, niyazi kuzofanele kufike ngamandla angaphezu kwemvelo. Futhi manje, uma u—uma ukucabanga, njengoba kwenza abaFarisi, ukuthi kwakungudeveli, khona-ke uthola umvuzo kadaveli. Uma ucabanga ukuthi nguNkulunkulu, uthola umvuzo kaNkulunkulu. Owesifazane owathinta ingubo yaKhe waphuma, wayesehlala ezethamelini.

¹⁵² UJesu wathi, “Ubani oNgithintile na?” Futhi Wamthola phandle ezethamelini, futhi Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Wamtshela ukuthi wayenani.

¹⁵³ Kodwa umRoma owamboza indwangu ekhanda laKhe, futhi waMshaya ngenduku, wathi, “Sitshele ukuthi ubani okushayile; sizokukholwa.” Abakaze bathole mvuzo, cishe basekuhlushweni kulobubusuku. Nowesifazane ubusisiwe kulobubusuku.

¹⁵⁴ Sifanele simelane nalezozivivinyo, futhi, dade. Anginalwazi ukuthi ungubani, ukuthi uyini, uvelaphi, akukho lutho ngawe;

ungowesifazane nje, umi lapho.

¹⁵⁵ Manje izethameli, ngenhlonipho yokuzithoba. Ngizama ukulinda eNtweni ethize, niyazi, futhi leyo yileyoNgelosi esesithombeni. Ngiyindoda njengoba uyiyo nje, banumzane abahloniphekile. Yilokho kuphela. Kodwa uma uMoya oNgcwele (Usibona sobabili lapha, hhayi phansi kwesifungo, ngoba asikholelwa ekufungeni, kodwa neBhayibheli lilele lapha, uNkulunkulu uMahluleli wethu: asikaze sibonane empilweni.), uma uMoya oNgcwele uzokwenza, kulobubusuku, njengoba nje Wenza phezulu lapho eSamariya ngalesosikhathi, bangaki abazoba nokukholwa kuNkulunkulu, futhi uMkholwe ngayo yonke inhliziyo yakho na? Manje, hloniphani ngokuzithoba futhi nikhuleke.

Shintsha lelo libe u*Kholwa Kuphela* uma wena, uzokwenza, dade na?

Uma izethameli zisengangizwa, inenekazi lihlushwa yinkathazo yesisu. Kunjalo.

Manje, uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa na?

Manje, wena uthi, “Ubungakuqagela lokho, Mfowethu Branham.”

¹⁵⁶ Akusikho ukuqagela. Manje, ngingamkhulekela futhi ngimjikise, njengoba ngivame ukwenza, kodwa uma ufuna ukubona...Uma uMoya oNgcwele...Khuleka, futhi uma uMoya oNgcwele uzokwenza njengoba Enza, okuningi, ngizokhuluma nowesifazane, ngalokhu ukuxhumana. Kuyini na? Unokukholwa. UngumKristu. Kungani ngithi ungumKristu manje na? Ngoba ngizwa ukuthi u...ukukholwa kwakhe, njengoba Enza nje, wathi, “Wena ungumIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

¹⁵⁷ Manje, kwangathi iNkosi ingasipha khona. Manje, angazi ukuthi ngitheni kuwe esikhashaneni esedlule, bekungemina okushilo; kodwa noma ngabe bekuyini, bekuyiqiniso. Kunjalo, akunjalo na? Manje, uma iNkosi izosipha khona nje. Umkhuleko wami uqotho kini.

¹⁵⁸ Futhi mina, yebo, ngibona owesifazane esuka etafuleni, noma, ehlehla ekudleni. Kune...unesimo sesilonda emgudwini wokudla esiswini sakhe. Unesifo samathambo futhi. Ngiyambona eza edabula endlini kusesekuseni kakhulu, kusesekuseni impela, ngaphambi kokuba aze ashintshe ngisho ingubo yakhe yasebusuku, futhi ubambelele entweni ethize. Uhamba ngokuthula. Lelo yiqiniso. Owesifazane, futhi, ngiyambona ebambe inhliziyo yakhe, futhi yinkathazo yenhliziyo anayo, ibangelwa yisimo sokwethuka.

Yiqiniso lelo. Uyakholwa na? Ngabe lezozinto ziyiqiniso, dadewethu na? Phakamisa isandla sakho uma ziyiqiniso. UNkulunkulu uyazi, angazi.

¹⁵⁹ Awusuye owakulelidolobha, ungowangaphandle kwedolobha. Ungowasedolobheni, ngiyakholwa, eGeorgia: libizwa ngeCalhoun, eGeorgia. Igama lakho, igama lakho lokuqala ngu-Ethel; isibongo sakho unguPorch. Futhi uneduku esandleni sakho, futhi lelo elomfana omncane: umfana omncane omkhulekelayo, onesimo sokwethuka; nokho ofuna ngimkhulekele khona, yingoba akakwazi ukufunda, akakwazi ukufunda, akabonakali ekwazi ukufunda.

¹⁶⁰ Manje, leyo izinto ziyiqiniso. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ukwemukele okucelile. Izinyembezi ozesulayo ngaleloduku, libeke phezu komntwana, ngokuba ISHO KANJE INKOSI, uzosinda. Woza khona lapha. E-hhe. UNkulunkulu akubusise, manje. Hamba, futhi kwangathi iNkosi ingaba nawe.

Uyakholwa eNkosini uJesu, ngayo yonke inhliziyo yakho na?

¹⁶¹ Nkosi, ngikhulekela lamaduku; uMoya waKho uselapha, Nkosi, thumela amandla aKho amakhulu kulowo nalowo walaba: kumama omdala oyimpumputhe; leyongane encane ilele lapho, egulayo kulobubusuku. Ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa ngamunye walabo, eGameni likaJesu.

¹⁶² Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, mnumzane. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlanguka na? Kunjalo. Awu, iNkosi uNkulunkulu isazi sobabili. Futhi uma iNkosi uNkulunkulu, Owavusa iNdodana yaKhe, uJesu, futhi washo, ukuthi, “NgingumVini, nina ningamagatsha”: igatsha liyothela uhlobo olufanayo lokuPhila olwaluseMvinini. Futhi uma uJesu enza lezizinto ngenkathi WayenguMvini, futhi siyigatsha: igatsha lizothela isithelo esifanayo soMvini. Uma Ezongitshela ukuthi yini oyizele lapha, uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uzokwemukela na? Uyaphuphutheka; amehlo akho, uwafunela umkhuleko. Akusikho lokho kuphela, kodwa yisifo samathambo, futhi, onaso. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uvela kulelidolobha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu anga re-...ngitshela ukuthi ungubani na? Bakubiza ngo, “Woody.” Isibongo sakho nguKenneth. Uhlala ku 2321 Seventh Street. Hamba ngendlela yakho, uJesu Kristu ukusindisile. Uma ukholwa, zonke izinto ziyenzeka.

¹⁶³ Ngabe uyakhuleka laphaya na? Nginyanicele manje, eGameni likaJesu, thulani; bhekani kuKristu futhi nikhuleke. IBhayibheli lathi, “UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Niyazi ukuthi lelo yiBhayibheli na? Wenza kanjani lowo wesifazane na? Wathinta ingubo yaKhe, futhi Waphenduka, futhi wamtshelela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi waphulukiswa. Uyakholwa ukuthi ubungenza into efanayo na? Ubuyokwazi kanjani, uma uMthintile, uma Engaphendulanga

na? Akanaphimbo kodwa elami nelakho; Akanazindlebe namehlo: awami nawakho. SingeyaKhe imivi-...amagatsha aKhe. Khulekani.

¹⁶⁴ Ngibuka okubonakalayo: intombazanyana namehlo ayo ebheke phezulu ngaseZulwini. S'thandwa, s'thandwa, uJesu uyawuzwa umkhuleko wakho. Uyakholwa ukuthi Angakuphulukisa uhlezi lapho na? Uzokhipha lelofindo ngaphansi kwengalo yakho, uma uzokukholwa. Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu manje, futhi sekuphelile.

Uyakwemukela, futhi na? Uma ukwemukela, phakamisa isandla sakho. Kulungile.

¹⁶⁵ Manje, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ngiyisihambi kuwe. UNkulunkulu uyakwazi, angikwazi, kodwa ngempela Uyazi ukuthi yini engalungile ngawe, futhi Uyayazi inkathazo yakho. Uma uNkulunkulu ezokwembula lokho kimi, ngabe uzobonga, futhi uMkhulwe na? Yiba ngumahluleli, noma ngabe kulungile noma qha. Lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala. Kodwa angimi lapha ngedwa: iNgelosi yeNkosi, Eyethembisa, eBhayibhelini laYo (Uma uNkulunkulu egcina isithembiso esisodwa, Uzigcina zonke izithembiso.) Angehluleke, UnguNkulunkulu. Uhlushwa yinkathazo ezibilini. Awuyi kodokotela, kodwa ngizokutshela ukuthi yini inkathazo yakho: isimila ezibilini zakho. Ubukusola lokho; futhi lelo yiqiniso. Wethemba uNkulunkulu ngokuphulukiswa kwakho. Futhi nasi isifiso enhliziyweni yakho: ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgewe. Awusuye owakulelidolobha, ungowakwelinye idolobha, nokho eTennessee, yiPikesville, eTennessee. Buya, futhi wemukele uMoya oNgewe, futhi uphulukiswe, eGameni likaJesu Kristu.

¹⁶⁶ Sawubona, mnumzane? Ngiyisihambi kuwe. Into ethize eyinqaba ngawe, mnumzane. Ngabe lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana na? Usibekelwe ukufa: ngumdlavuzisa esiswini. Awusuye owakulelidolobha; uvela endaweni encane ebizwa ngokuthi, njenge, iCrab Orchard, eTennessee. Nanti ithunzi elimnyama: awusuye umKristu; uyisoni. Uzomemukela uKristu njengoMsindisi wakho manje na? Phakamisela isandla sakho kuYe, futhi uMtshela ukuthi uyaMemukela. Khona-ke, eGameni likaJesu Kristu, ngiyawulahla umdlavuzisa uye ekufeni. Hamba, futhi ukholwe manje, futhi umbhaphathizwe, ubiza iGama leNkosi. Kunjalo. Yiba nokukholwa.

¹⁶⁷ Ungezi emgqeni uma ungafuni izono zakho zibizwe, ngaphandle uma uzivuma. Abanye abefundisi finyelelani endodeni, ngokushesha: ithunzi lisukile kuyo.

¹⁶⁸ Siyizihambi komunye nomunye, mnumzane. Ngicabanga ukuthi siyizo. Uyiso kimi. Umele omunye umuntu lapha, ngoba ngibona indoda, idakiwe, futhi akusuwe, ngumlamu wakho.

E-hhe. Uyabo? Hamba ukholwa. Ngikholwa ukuthi uzoza kuKristu. Amen. Uyakholwa na?

¹⁶⁹ Kuthiwani ngawe ohlezi lapha ukhuleka na? Indoda eqatha, ihlezi lapha ekugcineni kwesihlalo. Uyakholwa ukuthi izinto ozibonayo, zivela kuKristu, mnumzane na? Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini oyihlalele lapho, amayadi ayishuminanhlano ukusuka kimi... Uthinte Into ethize, ngoba nakho ukuKhanya, okulenga phezu kwakho. Lokho kuKhanya kuyiNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli bedabula ehlane. Isithombe sayo sisemuva lapho. SiseWashington, DC. I-FBI yasihlola, futhi yathi, "IsiDalwa esingaPhezu kwemvelo kuphela, esake sathwetshulwa." Ukukholwa kwakho kuKulethe kuwe. Unenkathazo yesisu, futhi unenkathazo yenhliziyi. Akusiyo inkathazo yenhliziyi: yinkathazo yesisu. Lapho ulala phansi, une... unokwethuka futhi uphatheke kabi. Unento ethize engqondweni yakho, ukhathazekile ngakho: ufuna ukuba ngumshumayeli, futhi uyesaba ukuba nguyeyi, ngenxa yemfundo yakho. Khohlwa yikho futhi ushumayeleyi iZwi. Amen.

¹⁷⁰ Uyakholwa, dadewethu, ngayo yonke inhliziyi yakho na? Angikwazi, angikaze ngikubone, ngokwazi kwami, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Bheka uphile, hhayi kimi: bheka eKalvari, lapho owaphulukiswa khona. Sonke isibusiso sokuhlenga sesivele siqediwe. Uphulukisiwe iminyaka engamakhulu ayishumi-nesishiyagalolunye; kodwa ufanele ukwemukele. Wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi-nesishiyagalolunye edlule; akusoze kwakusiza ngalutho, uze ukwamukele.

¹⁷¹ Inenekazi elincane, elihlezi lapho, eliphakamise isandla sakho ngaleyonkathi nje, ufuna ngikukhulekele na? Yebo, ungasiphakamisa isandla sakho. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile kuwe, nokuthi ufuna ngikhulekele ini, uzoMkholwa na? Ufuna umkhuleko ngamehlo akho. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Awu, usukwemukele manje. Ungaya ekhaya futhi uphile. Uma ukholwa.

¹⁷² Wena, emva kwakhe, uphakamise isandla, ubufuna uNkulunkulu akwenzele okuthile na? Uyangikholwa ukuthi ngiyi—ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa na? Kulungile. Uma ukukholwa, ungadlula kuleyonkathazo yenhliziyi, futhi uphile. Uyakhukholwa na?

¹⁷³ Inenekazi khona eduze kwalapho, likhuleka, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho: ukhulekela indodana yakho, nendodana yakho iyisidakwa, ohlulwa uphuzo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Ungakhali izinyembezi, mama, ngikholwa ukuthi izoza, futhi isindiswe.

¹⁷⁴ Ucabangani, nesandla sakho sibekwe phezu kwesifuba sakho, eduze kwalo ngqo, lapho na? Uyakholwa ukuthi

uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Unenkathazo yesisu. Awunayo na? Kulungile, uma ukholwa, ungaphulukiswa. Uyakwemukela na?

¹⁷⁵ Kuthiwani ngawe, onqekuzise ikhanda lakho, eduze kwakhe ngqo na? Unenkathazo yeqolo. Awunayo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ungaphulukiswa nawe, uma ukukholwa.

¹⁷⁶ Ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu. Bheka uphile, kukholwe. Labobantu phandle lapho bengenawo amakhadi omkhuleko, akukho okunye, behlezi lapho nje, bekhola. UnguPristi oMkhulu.

¹⁷⁷ Umzuzwana nje. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlanguka na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini oyizele lapha, uzokwemukela na? Unenkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Akusikho ukwethuka; yinkathazo yenhliziyo. Yingalesosizathu isithunzi silenga lapho. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Lithini iBhayibheli na? Uyangikholwa ukuthi ngiyi—yikhola na? IBhayibheli lathi, “Lezizibonakalisu ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Lelo yiqiniso. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi enye into onayo engqondweni yakho, oyikhulekelayo: ngamadodana amabili; anenkathazo yesikhumba. Kunjalo. Awusuye owakulelidolobha: ungowaseKnoxville, eTennessee. Hamba ngendlela yakho, futhi uthokoze. Bonga iNkosi enhle ngobubele baYo kuwe, futhi ube nomusa.

¹⁷⁸ Asikho isidingo sokuba nokwethuka. Ube ngaleyondlela yonke impilo yakho. Uzomemukela uKristu manje na? Yena, Owayengathulisa ulwandle olunamandla, angathulisa leyomizwa. Uyakukholwa na? Khona-ke hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi, “Ngiyabonga, Nkosi, ngokungiphulukisa.” Futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho. Hamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa, ukhohlwe yinkathazo yesisu, futhi uphiliswe. NoJesu Kristu uzokuphulukisa ngezinye izinto, futhi. UNkulunkulu akubusise.

Ake sithi, “Mayibongwe iNkosi.” [Ibandla lithi, “Mayibongwe iNkosi.”—Umhl.]

¹⁷⁹ Inkathazo yakho yeqolo ikushiyele ngenkathi umi emgqeni. Qhubeka, usuke emsamo, uthi, “Ngiyabonga, Nkosi.” Nezinye izifo ezincane ebezikhulupha zizosuka futhi, uma nje ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. [Udade uthi, “Ngiyabonga.”—Umhl.] Amen. UNkulunkulu akubusise. Wa—wemukelekile ngokuphelele, dade.

¹⁸⁰ Bangaki ofuna ukukholwa, phandle ezethamelini na? Uyakhola ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wavuka kwabafileyo na? Ngabe Ulaphe manje na? O,

malibongwe iGama laKhe. Aniqondi ngani ukuthi uBukhona baKhe bulapha kuwo wonke umuntu na?

¹⁸¹ Inenekazi, lapho, linenkathazo yabesifazane, lihlezi khona phansi lapho, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khonake, sekuphelile; ungaya ekhaya futhi uphile.

¹⁸² Ngikuphosela inselelo ukuba ubuke kuKristu futhi ukholwe. Uyakwenza ngayo yonke inhliziyo yakho na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye; bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. IBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu, ukuthi uyikholwa. Laba, emgqeni lapha, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Uyikholwa; manje, beka izandla zakho phezu kukamakhelwane wakho; khulekela umakhelwane wakho; beka izandla zakho phezu kukamakhelwane wakho, futhi umkhulekele.

¹⁸³ O Nkulunkulu, eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, uJesu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa wonke umuntu olapha eBukhoneni bobuNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Sicela amademoni namandla kadeveli ukuba ashiye lababantu, eGameni likaJesu Kristu.

¹⁸⁴ Bonke abakholwayo ukuthi uphulukisiwe, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, yimani ngezinyawo zenu. Angikhathali ukuthi yini engalungile kuwe. Sukuma futhi ukukholwe. Ngimemezela ukuthi uphilile, uphulukisiwe, ngamandla kaNkulunkulu uSomandla, eGameni likaJesu. 

58-0301^E Yizweni
E^Memorial Auditorium
E^Chattanooga, E^Tennessee E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org